


UKUKHUMBULA INKOSI

 Ngiyabonga. INkosi ikubusise, mfowethu. Ngiyajabula ukuba ngaphakathi, kulobubusuku, eSouthside Assemblies of God, ukukhonza kanye nani bantu, sijabulela lenhlanganyelo ekahle ukuthi aningabazi nijabula njalonzalo.

² Ngithe nje ukukhathala kancane. Besisezansi izolo ebusuku e—eTucson, ngenxa yedili ezansi lapho, futhi ngokwangempela sibe ne—nesikhathi esimangalisayo. INkosi isibusisile. Futhi kade ngihlezi engxenyeni ekahle yayo, usuku lonke gulukunqu.

³ Ngakho, manje, ngihlangane, ngizwe umuntu othize izolo ebusuku. Bengingayazi nhlobo indodana kaMfowethu Carl Williams. Bengi, namhlanje, bengiqhosha nje ngaleyonsizwa ethize evukile futhi ibikhuluma ngo—ngombuthano wabantu abasha. Futhi ngitshele indodakazi yami. Ngithe, “Manje, ufuna ukukwenza umsebenzi wakho ukungena phakathi lapho.”

Ithe, “Angazi muntu phakathi lapho.”

⁴ Ngithe, “Ukhona ozomazi, noma wonke umuntu uzokwazi. Vele nje uqhubeke ungene, noma kanjani.”

⁵ Futhi ngiyakhuleka ukuthi wemukela umbhaphathizo kaMoya oNgewele ngalombuthano phezulu lapho.

⁶ Ngithe, “Leyo nsizwa enhle imile lapho, nobuso bayo bukhanya ngenkazimulo kaNkulunkulu!” Futhi bengikusho futhi kuBilly.

⁷ Uvele wama nje futhi wangibuka, wathi, “Babayi, awazi ukuthi lowo bekungubani na?” Wathi, “Lowo bekuyindodana kaMfowethu Carl Williams.”

⁸ Awu, lokho, ngi—ngiyazi ukuthi uvela ohlobweni olukahle ngempela. Uma wena . . . Niyabo?

Ngiyajabula kakhulu ukuba sePhoenix kulobubusuku.

⁹ Awu, uma engekho uMfowethu Pat Tyler. Uvela kuphi nezwe, mfowethu na? Ngiyacabanga uhayikhile, ukusuka eNew York lapha. Lokho nje kuthi akube yindlela okuhamba ngayo.

¹⁰ Ngiyakhumbula ngibona uMfowethu Gene, uMfowethu Leo, lapha kulobubusuku, uMfowethu Ed Daulton, abangane bami abaningi ngapha, noMfowethu Ed Hooper. Futhi, he, phezulu lapha kulobubusuku nginokubona okukahle kuwo wonke umuntu, futhi ngibuka nxazonke, kahle.

¹¹ Awu, ngithola ukukhathala okuncanyana. Kade ngihamba kanzima impela, futhi ngakho si—sinamahora amade. Futhi mina . . . Umkami wathi, “Awusho, ngiyaqaphela uqala ukukhuluma ngezwi lakho lesibili.”

Ngathi, “Kudingeke ngilibize ngalesisikhathi.”

¹² Ngezinye izikhathi uma ngikhuluma, ngishona phansi, ngikhulume ngokujulile emphinjeni wami, khona-ke leyo ngxenye ithola ukuvuvukala futhi ikhandleke. Ngiyakhuphuka, ingxenye ephezulu, futhi ngikhulume lapho phandle, kanjalo. Sifanele nje sifunde lonke uhlobo lwezinto uma nje sisebenzela iNkosi, asinjalo, uma sikhandleka na?

¹³ Futhi, he, ngiyethemba bonke laba abefundisi emuva lapha. Uma kunjalo, he, sisekugcineni okukahle kulobubusuku, isigejane esikahle kanjalo sabantu behlezi ndawonye. Awu, lokho kungikhumbuza ngesithembiso, ukuthi, “Sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini, uKristu Jesu,” lapho iGazi laKhe lisihlanza kusosonke isono.

¹⁴ Manje ngizozama, qiniso, ukunikhipha kuse eli kulobubusuku. Khumbula manje ukuthi, kusasa ebusuku, singale kuMfowethu Shores. Ngabe lelo yigama lakhe na? [Umfowethu uthi, “Kunjalo.”—Umhl.] UMfowethu Shores, ku-Eleventh noGarfield. Leyo ngenye i-Assembly of God phandle lapho. Yebo. I-Assembly of God lapho, futhi iFirst Assembly of God.

¹⁵ Futhi khona-ke nje ngizolalela laba abanye abafu okwesikhashana manje, kuze kube yiSonto elizayo ekuseni, ngiyacabanga, ngaleya engqungqutheleni. Ngi... Sizoba nesikhathi esimangalisayo. Ngiyazizwela nje ukuthi sizoba nesikhathi esihle.

¹⁶ Futhi inhloso yami yokuba lapha uhlobo loku, o, uhlobo lokubambela omunye umuntu, niyazi, uhamba uzungeza usiza yonke indawo, nenhlanganyelo encane nabazalwane, futhi ukuba nobusuku lapha nalaphaya, ukuvumela ukuthola ukwazana. Futhi—futhi mhlawumbe umoya omncane wemvuselelo uqala ukushaya abantu, bese kuthi-ke kwenze lokho kuholeleke, lokho esingakwenza, phakathi lapho, bese kuthi-ke uvuthondaba olukhulu. Futhi ngicabanga ukuthi, uMfowethu Oral Roberts ngumuntu ngalesisikhathi ukuletha uvuthondaba edilini ngoMsombuluko ozayo ebusuku. Futhi ngiyazi silindele isikhathi esikhulu, futhi konke iviki lonke.

¹⁷ Ngakho sikhulekeleni manje, futhi niphumele ezitaladini, othangweni nemigwaqo emikhulu. Futhi “nibacele” bona? Qhabo. “Nibaphoqe.” Baphoqeni, baphoqeni ukuba bangene. Ngokuba lesi kuzoba isikhathi esihle kakhulu ePhoenix ukuthola ukuvakashelwa kwayo okukhulu ukuthi wena... Futhi ngiyazi ukuthi uNkulunkulu uzimisele uma silungile, yebo, mnumzane, uma silungile. Asi... Yingakho thina... lezi zimvuselelo zi, ukuzama ukhlangabezana nezimo, futhi ukhuleke, futhi ulindele lezizinto ukuba zenzeke.

¹⁸ Manje, ngaphambi kokuba nje sisondele eZwini, asikhulume noMqalisi, sisakhothamisa amakhanda ethu ngomkhuleko. Manje sisakhothamisa amakhanda ethu nezinhliziyo zethu

kuNkulunkulu, ngiqinisekile, ezethamelini zalosayizi, kubophezelekile ukuba kube nezicelo eziningi. Futhi uma unaso, futhi uthanda ukukhunjulwa kuNkulunkulu, vele nje uphakamise isandla sakho, futhi phakathi emva kwalokho ukuthi, uthi, “Nkosi, ngikhumbule.”

¹⁹ Baba wethu waseZulwini, Uyazi ukuthi yini engemuva kwalezizandla ngasinye. Uyazi ukuthi yini ebanike engqondweni yabo, futhi Wena ungaphezu kokwazi ukuphendula isicelo ngasinye. Futhi siyakhuleka ukuthi Uzosipha khona, Nkosi. Sicela ukuthi umusa waKho uzomamatheka phezu kwethu, kulobubusuku, endleleni yokuthululela kukaMoya oNgcwele phezu kwethu.

²⁰ Futhi ngikhumbula, Nkosi, ukuthi, kusasa ebusuku e—eFirst Assembly of God, ukuthi Uzothululela izibusiso zaKho futhi phezu kwethu. Bese kuthi-ke ngaphesheya eRamada, ukuqeda iviki nya, O Nkulunkulu, kwangathi ngempela kungaba khona amakhulu asindisiwe. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi kungaba khona ukuthululwa okunjalo—okunjalo kukaMoya kuze kuthi amaphephandaba angeke esathula, kodwa bazodingeka bakushicilele emphakathini lokho okwenziwe. Siphe khona, Nkosi.

²¹ Zazise nje Wena uqobo kubantu baKho, Nkosi. Kwangathi izinhliziyi zabo ezithobekile zingafinyelela ngokukholwa nokukholwa ukuthi sizokwemukela lezizinto esizicelayo.

²² Khona-ke sizokhuleka, Nkosi, senzele labo abebengathanda ukuba lapha kulobubusuku futhi abakwazi ukufika lapha. Bayagula futhi bahluphekile, futhi—futhi ezimweni ezinjalo ukuthi bangefinyelele lapha. Siyabakhulekela, Nkosi. Kwangathi uMoya oNgcwele ungabavakashela ngamunye.

²³ Busisa laba bazalwane abavela ezindleleni ezikude kangako ngaphesheya kwamasimu ano-ayisi. Futhi abaningi basesemgwaqweni, bayeza. Bavikele, Nkosi. Bangenise ngokuphepha.

²⁴ Manje, busisa lokhu kuHlangana, lomelusi okahle, ibandla lakhe, abaphatheli bakhe, amadikoni, nakho konke lokho abakumele, Nkosi. Sikhulekela ukuthi Uzoba nabo futhi ubasize. Manje sikhulekela ukuthi Uzosinikeza iZwi laKho. SingaLifunda kuphela, Nkosi, futhi sifunde indikimba. Wena uzosinika ingqikithi, futhi sibheke Wena. EGameni likaJesu UKristu. Amen.

²⁵ E—encwadini yabaseKorinte bokuQala, isahluko 11. Uma umuntu othize... Niyazi, ngokuvamile uyathanda ukufunda, noma ukumaka indawo, uthi, “Mina...” Mhlawumbe omunye angathola into ethize ngemuva kwakho ukuthi bangahle mhlawumbe bathuthuke kulokho okushiwo. Noma, abefundisi, futhi ngezinye izikhathi ilunga lebandla nje, lilithathe, futhi—futhi liphinde lilifunde, futhi lilalele kulokho okushiwo.

Izikhathi eziningi ngiyakwenza lokho, ngimaka phansi indikimba. Ngakho uma nifisa ukufunda emuva kwethu kulobubusuku, phenyani kwabaseKorinte bokuQala, isahluko 11, futhi sizozala ukufunda evesini lama 23.

Ngokuba mina ngakwemukela eNkosini lokho engininika khona, Ukuthi iNkosi uJesu ngalobobusuku . . . akhashelwa ngabo wathabatha isinkwa:

Wabonga, wasihlephula, wathi, Thabathani, nidle; lokhu kungumzimba wami, ohleshulelwe nina: lokhu kwenzeni ukuba ningikhumbule.

Kanjalo wathabatha nesitsha, emva kokudla kwakusihlwa, wathi, Lesi yisitsha sesivumelwano esisha egazini lami: lokhu kwenzeni nina, ngezikhathi zonke enisiphuza ngazo, ukuba ningikhumbule.

²⁶ Futhi manje okwendikimba, ngingathanda ukuthatha kusukela lapho: *Ukukhumbula INkosi.*

²⁷ Manje, kusobala, nayikuphi, sonke siyazi, e—ebandleni lethu, sifunda lokhu enkonzweni yesidlo ubusuku ngabunye. Futhi kuyi—yi—yindikimba enkulu ukuyifunda, noma umBhalo omkhulu ngalesosikhathi, futhi kuphathelene nakho lapho. Kodwa nje bengifuna lawo mazwi, “NiNgikhumbule.”

²⁸ Manje, isidlo izikhathi eziningi sibe yimpikiswano enkulu phansi kwedule eminyakeni, phakathi kwamaProtestani namaKatolika. Bathi iKatolika lithatha lesisidlo, futhi basithatha ngamathemba ukuthi benze into ethize ukuba ifanele into ethize enhle, ukuthi izono zabo zizothethelelwa ngokukwenza. IProtestani lisithatha njengokukhumbula ukuthi uKristu usevele uyabathethelela, futhi basithatha ngokujabula ukuthi sebevele bathethelelwe.

²⁹ UPawulu uyaqhubeka uyasho phakathi lapha, ukuthi—ukuthi, kuziwa kanjani etafuleni leNkosi. Uma kukhona okungalungile, kulungise ngaphambi kokuba sifinyelele lapho. “Ngokuba lowo odlayo futhi aphuze ngokungafanele, uzidlela futhi aziphuzele ukulahlwa, engawuhlukanisi umzimba weNkosi.” Futhi manje sifanele impela, kakhulu impela sibe semkhulekweni uma sithatha isidlo.

³⁰ Kodwa ngimangalile izikhathi eziningi uma, lelo gama, silisebenzisa nje ngokuyikho, *isidlo*. Manje, *ukuxoxisana* kusho “ukuxoxa ku,” niyabo, “ukuxoxa no.” Futhi ngiyazibuza uma ngempela, uma sihlangana ndawonye kanje ezindaweni zaseZulwini, uma lokho kungesiso isidlo, ukuthi sixoxa noNkulunkulu, sikhuluma kuYe.

³¹ Futhi, khona-ke, uma sivele sihlale sithule futhi siMvumele asiphendule! Izinto eziningi, futhi enye yezinto ezimbi kakhulu engizenzayo, ngizama ukwenza konke ukukhuluma, futhi—futhi

angihlali ngithule kade ngokwanele ukuba Yena angiphendule. Siyakwenza lokho izikhathi eziningi kakhulu emkhulekweni. Ngicabanga ukuthi ukuba besingasusa enhliziyweni yethu lokho okukuyo, futhi sizizwakalise eNkosini uJesu, futhi khona-ke nje siguqe, futhi sithule nje isikhashana futhi—futhi sibone nje ukuthi Ubezosiphendula athini. Niyabo?

³² Futhi ngezinye izikhathi ngikwenzile lokho, futhi umbono wami wonke washintshwa, niyabo. Ngizohamba ngiMcele into ethize, “Manje, Nkosi, laba bantu, ngempela, banokuthize. Ngi—ngikholwa ukuthi bayangifuna ngaphesheya lapho.” Futhi ngiyaqala nje ngiyakhuleka, futhi into yokuqala niyazi, nge—nogenelisekile ukuthi lokho yintando yeNkosi; kodwa, emva kokukhuleka, uma nje—nje ngilibe isikhashanyana, niyabo, khona-ke kushintshile, ngakho konke, ngezinye izikhathi, kuthunyelwe kwenye indawo ethize. Vele nje uxoxe neNkosi. O, inhlanganyelo emangalisa kanje pho, nje ukwehlela phansi futhi ukhulume, futhi uxoxe, futhi uMlinde akuphendule.

³³ Futhi ukucabanga ukuthi unguMuntu omkhulu kanjani okhuluma kuye, uMdali uqobo lwaKhe, futhi ukuxoxa naYe Owafaka impilo yakho kulomlotha wentabamlilo ohlala kuyo. Futhi khona-ke ngeliny’ilanga uzofanele ushiye lapho, bese kuthi-ke kusezandleni zaKhe lapho uya khona ukusuka lapho kuqhubeka. Futhi unelungelo manje ukwenza ukukhetha kwakho ukuthi iyiphi indlela lowo mphefumulo ohamba ngayo uma ushamba.

³⁴ Futhi into emangalisayo kanje ukuxoxisana naYe ngaphezu kwezisekelo zezithembiso zaKhe, khona-ke uMuzwe exoxa ekuphendula, futhi athi, “Konke kukahle.” He, lokho—lokho kukuzwakalisa kahle. Asidingeki ukuba sibuke kunoma yisiphi isivumokholo. Asidingeki ukuba sibuke ku—kunoma yimuphi umbhedsho. Into kuphela okumele siyenze nje ukwazi ukuthi Uyafakazisa emuva eZwini laKhe, ukuthi kuxazululiwe, futhi yilokho konke okwakho. Khona-ke umthwalo uyagingqika usuke.

³⁵ Ngicabangile ukuza kuleli tafula, esikubiza ngalobubusuku, manje ukuthi ngikuthole kuzwakalisiwe ukuthi kuyisidlo kakhulu nje lapha njengoba bekungaba njalo ekuthatheni lokho esikubiza ngesidlo sakusihlwa seNkosi.

³⁶ Niyazi, labobantu basempumalanga emuva lapho banaleyonto yonke lapho ixovekile, futhi—futhi angikwazi ukubaqondisa kukho. Futhi bonke phezulu enyakatho, bayangithatha bangiyise lapho uma ngiya esidlweni sakusihlwa, futhi bathi idina. Ngi—ngi... Bathi ukudla kwasekuseni, nokudla kwasemini, ne—ne—ne—nedina. Manje, ukudla kwami kwakusihlwa kungenaphi na? Ngizama ukuthola. Niyabo? Futhi bathi, “O, yilokho kuphela.”

³⁷ Ngathi, “Kodwa kwakungesikho, asithathanga idina leNkosi. Wakubiza ngesidlo sakusihlwa, isidlo seNkosi sakusihlwa.” Futhi ngizwa sengathi ngiphuthelwe ukudla, uma ukubiza, ukuqala ukukubiza ngaleyo ndlela.

³⁸ Kodwa manje uma sihlangana ngalendlela, lapho uNkulunkulu uyehla. Futhi i—itafula lesidlo, empeleni, liyaphuka, lephukile, imizimba yoMzimba weNkosi esiyehlukanisayo phakathi kwethu. Manje, lowo nguMzimba wangempela, we—wesinkwa esisihlephulayo, esimele uMzimba kaKristu.

³⁹ Niqaphelile ngoSuku lwePentekoste, ukuthi into enkulu kanjani esinayo lapho na? Ukuthi, uNkulunkulu, Owahola abantwana bakwa-Israyeli bedabula ehlane, Yena, leyoNsika yoMlilo enkulu. Futhi ngosuku lwePentekoste, loMlilo omkhulu wawa, futhi khona-ke wazehlukanisa Wona uqobo phakathi kwabantu baKhe. O, ukucabanga ukuthi Usifuna kanjani ukuba sihlale ndawonye ezindaweni zaseZulwini, khona-ke, ngamunye sijabulela lokho kufudumala koMlilo kaMoya oNgewele. “Izilimi ezahlukeneyo zibekiwe phezu kwabo njengoMlilo, amalangabi oMlilo,” uNkulunkulu ezahlukanisa Yena uqobo phakathi kweBandla. O, ngabe lokho ngeke, noma kunjalo, kokhela nje izinhliziyu zethu zivuthe. Yilapho esingakwazi ukuhlangukhona ezindaweni zaseZulwini.

⁴⁰ Manje, siyazi ukuthi itafula laKhe, lapho abantu behlala ndawonye futhi bexoxa naYe, kufana nendawo enamanzi ogwadule ogwadule. Futhi indawo enamanzi ogwadule, ogwadule, lapho kukhona khona isiphethu esikhulu, lapho abahambi abakhandlekile beza futhi bahlale khona bazungeze lendawo enamanzi ogwadule, futhi—futhi baziphumuza bona uqobo, futhi khona-ke bekhumbula ukuthi bafika kanjani lapho.

⁴¹ Futhi yileyondlela okungayo ebandleni, ukuthi, leli tafula lesidlo lapho zonke izibusiso zikaNkulunkulu, iVangeli eligcwele, konke lokho uNkulunkulu anakho kweBandla laKhe, kukhishiwe, kwabekwa phakathi kwethu. Futhi kunjenge—ngendawo enamanzi ogwadule kuleli elishisayo, elivuthayo, ugwadule lesono esidabula kulo. Futhi khona-ke uma singena, futhi sikhuluma ngakho, sifunde imenu, futhi khona-ke siyabona ukuthi Ubuyela emuva ngokuzungeza, futhi Akamusha kulokhu, noma akamusha kulokho, noma lokhu kukhishiwe, kodwa Unguye izolo, namuhla, naphakade. Unakho konke kwimenu, ukulungele ukukukhipha. Leyo yingxenyehle. Khona-ke singavele nje sibuke ngale kwimenu futhi nje sithathe yonke into. Ngiyathanda nje uku... Ngiyakuthanda ukudla okugcwele. Anikuthandi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngiyathanda nje ukukuthatha.

42 Futhi ngenkathi sisathokozela lezizibusiso, umuntu ngamunye uzwa uBukhona baKhe, futhi uthi, “Amen. Akabongwe uNkulunkulu! Haleluya!” nokunye, nokunye, kulokho singakhumbula Lowo owasilethela khona futhi wenza kwenzeke, ukufa kweNkosi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Mkhumbuleni. Ngicabanga ukuthi yilokho, izikhathi eziningi, ukuthi mhlawumbe sijabulela izibusiso eziningi kakhulu, ukuthi siyakhohlwa nje ukuthi zivelaphi.

43 Ngesinye isikhathi ngamangala. Ngahamba nesigejane samaKristu ebandla elithize, futhi bahlala phansi ukuba badle, futhi abazange babonga kuNkulunkulu, ngokudla kwabo. Awu, ngacabanga ukuthi kwakuthi ukumangaza. Futhi ngaya kwenye indlu, futhi bona, ngokufanayo, baqhubeka phambili nje futhi badle. Futhi nga—ngakubuzwa. Futhi bathi, “O, awu. Lokho nje . . . UNkulunkulu usinikeza lokho, noma kanjani. Niyabo?”

44 Ngathi, “Kungikhumbuzwa ngengulube ngaphansi kwesihlahla se-apula, niyazi. Ama-apula ayeqathaka, futhi ayishaye ekhanda usuku lonke gulukunqu; yayingalokhothi ibheke phezulu, ibone ukuthi avelaphi.”

45 Futhi lokho, niyazi, thina, ngicabanga ukuthi kusibiza ukuthi sime bese sibuka phezulu, sibone ukuthi lezizinto ziqhamuka kuphi. O, kumangalisa kanjani ukukhumbula iNkosi yethu, khumbulani konke Asenzela khona, futhi khumbulani ukuthi kwakungekho namunye owayengenza lokhu kwenzeke. Akukho lutho olungenza kwenzeke kodwa iNkosi yethu. Futhi Wakwenza ngesihle kakhulu, lapho kungekho muntu ofanelekile; kwakungekho mprofethi, kwakungekho sazi, kungekho nkosi enamandla, kwakungekho nkosi eqinile, kungekho nkosi. Akekho owayengakwenza kodwa iNkosi uJesu, Yena uqobo, futhi ngokuzithandela Wakwenzela thina. Asikukhumbule nje. Wakwenzela abantwana baKhe phansi kudabule onyakeni.

46 Manje ake sikhulume nje imizuzwana embalwa ngento ethize lokho omunye angakukhumbula. Sengiyabona, le ngaleya eNkazimulweni kulobubusuku, kunendoda egama linguNowa, inokuningi engakukhumbulela iNkosi. Ngokuba ngesikhathi lapho uNkulunkulu wayezobhubhisa bonke ububi abususe ebusweni bomhlaba, uNkulunkulu wamkhumbula uNowa. Futhi uNowa uyakhumbula ukuthi waphunyuka kanjani olakeni lukaNkulunkulu, ngomusa kaNkulunkulu. Ukuthi a—amanzi amakhulu aqala kanjani ukugeleza ehla ngemigwaqo, nemimoya ehewulayo, namadwala asuka ezintabeni! Futhi isiphepho esibi kanje pho! Izindlu zaphephuka zaphela, futhi imithombo yabhoboka, futhi uNkulunkulu wayenoNowa ngaphakathi emkhunjini. Manje, uma lokho kungesiyo indawo emangalisayo ukuMkhumbula ngayo, yebo, yebo, ukuba ngaphakathi komkhumbi, uvikeleke ngokuphepha eBukhoneni bukaNkulunkulu, ukuhlala naYe!

47 Khona-ke singabiza elinye iqembu labantu, noma okungenani ngizothi abathathu, futhi babebizwa ngoShadiraki, uMeshaki, no-Abedinego. Ukuthi bakuthatha kanjani ukumela kwabo uNkulunkulu, bekhumbula ukuthi Uyasigcina isithembiso saKhe! Futhi ukuthi kanjani, kulelihora elikhulu, ngenxa yokuma kwabo, ngisho abazalwane babo, iningi labo, babevaliwe emhlabeni. Kodwa babezoma, kungakhathaleki, futhi bamela uNkulunkulu. Futhi lapho isithando somlilo sasishisa kasikhombisa kunokuba sake sashisa ngaphambili, futhi baphushelwa kulesi sithando somlilo.

48 Futhi ngokuqinisekile bayakhumbula ukuthi iNdoda yesine yayiphakathi lapho nabo, ukuthi yavimbela konke uku—ukushisa nokufa kwaqhela kubo. Kukhona okuthize ngaleyo Ndoda yesine. Ngingakhuluma ngaYo okwesikhashana, yebo, mnumzane, kanjani ukuthi kwakuYiyo Yodwa engenza lokho kwenzeka. Kwakungekho omunye umuntu ongakwenza kodwa leyoNdoda yesine. Futhi YiYo yodwa eyanikezela ngokuphila, emihlathini yokufa. Amen. Futhi Ya—Yahlehlisa amalangabi omlilo, futhi yabalondoloza. Futhi, o, inqobo nje uma kungabakhona inkumbulo, futhi akusoze kwashabalala, ngakho bangalukhumbula lolo suku olukhulu ezansi eBabiloni.

49 Kwakukhona enye indoda ezansi eBabiloni, ingakhumbula futhi, futhi lowo kwakunguDanyeli, ngenkathi wayehlosile enhliziyweni yakhe ukuthi wayengeke azingcolise ngezinto zezwe.

50 Lokho ngukuma okuhle ukukuthatha. Yilapho thina bantu esifanele sithathe khona, uhlobo lokubamba ngqi isikhali sithi ukuqinisa kancane. Yilokho-ke. Asizukuzingcolisa ngezinto zezwe, kungakhathaleki ukuthi amanye amabandla enzani. Thina qobo lwethu, sizokubamba ngqi. Sizohlala ngqo naleloZwi.

51 Kungakhathaleki ukuthi yini ezayo noma ehambayo, asizingcolisi. Uma iningi labo lifuna ukukwenza, abaqhubeke bakwenze. Uma bona abesifazane befuna ukugunda izinwele zabo, abazigunde. Angeke sikwenze. Kunjalo. Uma befuna ukuzipenda izinzipho, mabahambe. Noma ngabe yini, upende, mabaqhubeke futhi bakwenze. Angeke sikwenze. Uma bonke abanye bethi bangababhema osikilidi futhi bazedlulele, awu, mabaqhubeke. Kodwa ngeke sikwenze. Yilokho kuphela. Ehhe. Bonke bangaya ekhaya, bakhiphe uSonto—uSonto sikole kuse eli, benzela uhlelo lwethelevishini, noma ngoLwesithathu ebusuku, bayeke inkonzo yonke ngenxa yohlelo oluthize. Noma ngabe benzani, sizoyikhonza iNkosi.

52 Sizothatha indawo njengoJoshuwa, “Ngokuba mina nendlu yami, sizoyikhonza iNkosi.” Sikhumbula lokho Akwenza ukuletha lesisibusiso kithi, futhi sikulondoloza kakhulu ukuthi asisoze sawungcolisa nganoma yiyiphi indlela. Kuyigugu

lokuPhila okuPhakade esinakho, futhi thina asifuni nanganoma iyiphi indlela ukuzingcolisa thina ngezinto zezwe, ngeke nhlobo.

⁵³ Futhi uDanyeli wahlosa enhliziyweni yakhe into efanayo, nakuba uba yisakhamuzi lapho; kodwa hhayi ngokuzikhethela kwakhe, ngoba wayengumfokazi. Futhi wonke umKristu ozelwe ngokusha ungumfokazi ngokushesha nje emva kokuba esezelwe ngokusha, ngoba uboshelwe eZulwini. Ifa lakhe—lakhe liseZulwini.

⁵⁴ Futhi lapha esikhathini esithize esedlule, unkosikazi nami, cishe eminyakeni emibili eyedlule, kwaku. . .UMfowethu Mercier nabo babezothola ukukhahlelwa okuncane bakhishwe kulokhu, njengokusho. Sasingale esikhungweni sezitolo. Futhi edolobheni lakithi, nguku. . .O, kunabantu abaningi abakholwayo, ababizwa kanjalo. Kodwa sibone o—owesifazane owayegqoke isiketi, futhi kwakuyinto eyinqaba kakhulu, ngoba akekho kubo bonke obonakala esigqokile. Futhi—futhi sazi abaningi babo abacula emakhwayeni nayo yonke into. Futhi i. . . futhi ngakho si. . .Umkami washo kimi, wathi, “Awu, ngani na?”

⁵⁵ Futhi ngathi, “Awu, niyabo, abasibo—abasibona abobuzwe bakithi.”

Wathi, “Ini?”

Ngathi, “Qhabo, abasibo abethu. . .”

Wathi, “BangamaMelikana, abasiwo na?”

⁵⁶ Ngathi, “Impela. BangabamaMelikana. Lokhu kungahle kube yiqiniso ngokwanele.”

⁵⁷ Ngiyathola ekuhambeni, ezimishini, enuthunyweni bezenkolo nasemhlabeni jikelele, ngiya e—eJalimane, kukhona umoya wezwe, obizwa ngokuthi, ngumoya waseJalimane. Ngumoya wezwe. Ngenyukela eSwitzerland, ngithola ukuthi, abafowethu nje, cishe impela bakhuluma ulwimi olufanayo, kodwa kukhona omunye umoya. Niyabo? Futhi ngumoya ohlukile eSwitzerland. Khona-ke ngifika ngaleya eFinland, ngakho konke ngumoya ohlukile. Khona-ke ngifika eMelika, kukhona umoya waseMelika. Kunjalo.

⁵⁸ “Awu, uyasho, asisibo thina. . .” Wathi, “Asisizo izakhamuzi zaseMelika na? Kungani ukuthi abantu bakithi, *os'bani-bani* na?”

⁵⁹ Futhi ngathi, “Awu, uyabo, s'thandwa, uyabo, isizwe ngasinye siphila, ngomoya wesizwe. Lowo ngumoya kazwelonke.”

⁶⁰ Wathi, “Awu, khona-ke, asizukuphila ngomoya waseMelika na?”

⁶¹ Ngathi, “O, qhabo.” Ngathi, “Sizalwa kabusha. Siphila eMoyeni waseZulwini, lapho ubungcewele, ukulunga.”

⁶² Futhi thina, asisiwo amaMelika, ngalokho kuqhubeka, ngoba iMelika nje isizwe sasemhlabeni. Kodwa uma indoda yaseJamane, yaseSwitzerland, noma ngabe yini angaba yiyo, uma iba ngezalwa eZulwini, ithatha uMoya waseZulwini. Futhi imvelo yayo nokwenziwa kwayo kufuna izinto zaphezulu, lapho uKristu ehlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu. Amen. O, sifanele kanjani ukukhumbula lokho, ukuthi Wafa ukuze sikwazi ukuhlawulelwa kulento, ukujovelwa ukugoma. Kunjalo.

⁶³ Isitshalo esikahle esinempilo asi...Awudingi ukufutha isitshalo esikahle esinempilo. Amabhungane awasoze afinyelele kuso, noma kunjani. Kunjalo. Akukho mabhungane azokhathaza isitshalo esinempilo. Yilolo hlobo lwezithombo ezimiliselwa endlini eyingilazi esidingeka ifuthwe ngaso sonke isikhathi, uhlobo oluthize lokubhasteliwe. Futhi yingaleyo ndlela okungayo namhlanje. Sifanele silifuthe futhi sitotose ibandla kakhulu kakhulu. Kufanele kube ngumuntu ngayedwa omahhadlahhadla kaKristu, egezwe eGazini likaJesu Kristu, futhi ozalwa nguMoya kaNkulunkulu. Futhi onke amabhungane ezwe ehla kazeke. Awazilulazi ngisho nxazonke, noma kunjani. Lokho kungubul'hlaza kabi kakhulu, kodwa ngithemba ukuthi kubambile. Kunjengohlobo lwesisho sobul'hlaza, kodwa niyazi ukuthi ngikhuluma ngani.

⁶⁴ O, kanjani uDaniyele, futhi ehlosile enhliziyweni yakhe, angakwazi kahle ukukhumbula inkokhelo. Futhi ngelinye ilanga sizoyikhumbula inkokhelo, futhi. Ngakho lapho efika ukukhumbula lokho, ehoreni losizi, uNkulunkulu wathumela iNgelosi emphandwini wezingonyama, futhi yavala umlomo wezingonyama, ukuthi azimkhathazanga. Inkumbulo enje pho ukucabanga ngayo! Yena, waphonswa emphandwini wezingonyama, ngoba wayenehloso enhliziyweni yakhe ukukhonzisa uNkulunkulu, futhi wayengakhumbula lokho. Ukuthi kwahamba kanjani? Into efana nale, "uNkulunkulu uthumele iNgelosi yaKhe. Ubone ubumsulwa behliziyoyami." O, nakho lapho okhona, ubumsulwa behliziyoyakho. UNkulunkulu angakubona lokho kuDaniyele, nenhloso yakhe ukwenza lokho okwakulungile, futhi Wathumela iNgelosi yaKhe futhi yavimba izingonyama ekumkhathazeni konke. Yeka inkumbulo enje pho! Singaqhubeka futhi siqhubeke, nalokho.

⁶⁵ Ake sikhumbule omunye umuntu khona lapha nje, noma iqembu labantu, lowo ngu-Israyeli. Lapho u-Israyeli esebeke indawo yabo, bona uqobo lwabo endaweni, ukumela uNkulunkulu. Futhi kwakuza ingelosi yokufa ngobunye ubusuku, eyayizothatha amazibulo ayo yonke indlu. Futhi ukuthi u-Israyeli ngisho wayeyalwe kanjani ukukhumbula ukuthi igazi lalisensikeni yomnyango. Lokho kwakuyinto eyahlehlisa ulaka lukaNkulunkulu, futhi yalugcina lapho, bona bephila, kwakuyigazi emnyango. Kwakuyisikhumbuzo. Futhi khona, njalo, kuseyisikhumbuzo, igazi phezu kwensika

yomnyango nasekhotamweni. Ubusuku besikhumbuzo obunje okwakuyibo pho! Futhi kwakudingeke bakulungiselele ezansi kudabule e—eminyakeni eyayiza, ukuthi uNkulunkulu, ngalobobusuku, wenza umehluko phakathi kwabalungile nabangalungile.

⁶⁶ O, angazi noma kuzoba ubusuku noma qhabo, kodwa kuza usuku lapho uNkulunkulu ezobonisa umehluko phakathi kwabalungileyo nabangalungile. Futhi kuyoba isikhumbuzo kithi, ukwazi ukuthi iGazi ngokuqinisekile liphezu kwekhotamo nensika yomnyango. Futhi noma ngabe ubukaphi, noma ukuqonda kwakho; ubuka ngamehlo akho, bese-ke ubona ngenhliziyo yakho. Kunjalo. Uzokhumbula ukuthi ubuka ngeGazi leNkosi uJesu, indlela Abezobuka ngayo. Isikhathi esinje pho! Babe. . .

⁶⁷ U-Israyeli wayenenye into ababengayikhumbula njalo, ukuthi lapho bethathe isinyathelo sabo kulokho abakuzwa kushiwo nguMose, lowo mprofethi omkhulu oqinisekisiwe ngeZwi likaNkulunkulu, futhi lapho bethathe ukuma kwabo ukuba bamashe. Ngoba, babebone uNkulunkulu eqinisekisa ukuthi umyalezo ayewulethile wawuyiqiniso, futhi wawungokomBhalo, futhi uNkulunkulu wayenaye. Futhi wayehlangane naLona Owayengenagama, wayebizwa ngo NGINGUYE. Wayehlangane naYe impela, ngoba babeMbonile esebenza noMose.

⁶⁸ Futhi khona-ke babenesinye isikhumbuzo esikhulu, ukuthi lapho beqala ukumasha, lapho kwahamba iNsika yoMlilo phambi kwabo, ukuhola indlela. Isikhumbuzo esinje pho ababengacabanga ngaso, into eyisikhumbuzo, ukuthi babengadingi inkombandlela. Amen. Ngitheni na? Babengadingi inkombandlela. BabenokuKhanya kukaNkulunkulu ukuba kubahole.

⁶⁹ Kwakuyisikhumbuzo esinjani pho kwizazi, ukuthi zazingayindingi kanjani inkombandlela, futhi iNkanyezi yazihola.

⁷⁰ Kuyisikhumbuzo esinjani kithi namuhla, ukuba noMoya oNgwele ukusihola; hhayi isivumokholo esithize, noma imfashini ethize, noma into ethize ukusihola, noma into ethize eyenziwe ngumuntu. Kodwa uMoya oNgwele ungena nesigxobo sokubophela seZwi, futhi uqinisekisa iZwi laKhe, futhi ufakazela ukuthi uyi—uyiqiniso. Isikhumbuzo esinje pho ezinhliziyweni zethu, ukwazi ukuthi uNkulunkulu ophilayo usaphila. O!

⁷¹ Ukukhumbula Yena, lokho Akwenzayo, wabaholela kuyo yonke indlela eya ezweni lesethembiso, ngalendlela.

⁷² U-Eliya wayenento enkulu ukukhumbula uNkulunkulu ngayo, ngenkathi wayesenze umsebenzi wakhe, khona impela uNkulunkulu amtshela ukuba akwenze, ukuyala imvula,

akukho ngisho amazolo ukuba awe aze ukuba uwabizile. Wenyuka futhi wahlala phansi ngasemfudlaneni iKeriti, phakathi lapho. Wahlala lapho ngasonke lesisikhathi. Wayengakukhumbula kanjani lokho! Wayezokuthola kanjani ukudla, ngaleminyaka na? Kodwa uNkulunkulu wamondla ngamagwababa. UNkulunkulu waseZulwini! Akukho mbuzo, “Amagwababa akutholaphi ukudla na?” Asazi, angeke sasho. Into kuphela, leyo ayeyazi nje, wavele nje wazibophezela yena uqobo eZwini likaNkulunkulu, lokho Amethembisa khona. Futhi uNkulunkulu wanakekela konke.

⁷³ Yilokho kuphela esimele sikwenze. Bazalwane, yilokho konke esikudingayo. Ukuthatha Yena nje ezwini laKhe. Uzokwenza kanjani na? Angazi. Kodwa, niyabo, sizama ukujovela imiqondo yethu uqobo, futhi yilapho esenza khona inxushunxushu.

⁷⁴ Kuthiwani uma ebethe, “Lona omunye umfudlana phansi kwentaba uzoba muhle nje, ngoba unamanzi amaningi kuwo?” Hhe-e. Qhabo.

⁷⁵ Kuthiwani ukube u-Abrahama ubecabangile ukuthi wayefanele athathe iSodoma na? Kwakungeke neze kwenzeke kahle. Kodwa u-Abrahama wathatha indlela iNkosi eyamhola ngayo, isithembiso sakhe esisodwa ayefanele abambelele kuso.

⁷⁶ U-Eliya wayengakhumbula lapho ayenze konke ayengakwenza. Wa—wayesole bonke a—abesifazane bangalolosuku, ababezame ukulingisa undlunkulu, unkosikazi kamongameli, futhi—futhi zonke lezozinto a—ayezisolile. Futhi—futhi bambiza ngomdala, ngiqagele, omdala nje, uhlobo olulula lomfo. Futhi wahamba, kodwa wenza khona impela uNkulunkulu ayemtshele ukuba akwenze. Futhi khona-ke kufika kwelamanqamu, lapho khona athi, “Asibone ukuthi, lezizinto, zilungile. Manje, biza abaprofethi bakaBali phezulu lapha, futhi—futhi ubize abaprofethi bakhe. Futhi ababize iNkosi.” O, elamanqamu elinje pho, lapho ayazi ukuthi iZwi laKhe lalikhuthembisile.

⁷⁷ Singathini namuhla njengamaKristu, phambi kobuBuda, ubuMohamede, noma yini okunye na? “Ake sibone ukuthi uNkulunkulu ungubani.” Amen.

⁷⁸ Esikhathini esithile esedlule, ezansi lapho eNdiya, lapho sasise—semhlanganweni, futhi lapho kwakukhona abantu abanengi, kodwa abane noma abahlanu beza emsamo. Futhi yayingekho indlela yokulinganisa ukuthi babebangaki abantu ababelapho. Futhi ngakhulekela omncane onochoko. Wayengenazo izingalo, futhi izindlebe zakhe zazidlekile, nezinqamu ezincane. Futhi wayezama ukungigona, futhi ngamgona, futhi ngakhuleka naye. INkosi yangitshela ukuthi yini eyayingalungile ngaye, na—nangempilo yakhe.

⁷⁹ Futhi—futhi sengiyababona oRaja nalabo behlezi phandle lapho. Bathi, “Lokho ngukufunda umcabango, uyabona.” Ungase—ungase ukuxoxe, indlela ababecabanga ngayo, lokho ababeku—lokho ababezokuphindisela kimi.

⁸⁰ Ngalolo suku, ngangikade ngibungazwe ethempeli lamaJains, lapho kwakukhona cishe izinkolo eziyishumi nesikhombisa ezihlukene phakathi lapho, futhi zonke zimelene nobuKristu, futhi, “Kwakungekho lutho kubuKristu.”

⁸¹ Kodwa, ngalobobusuku, uNkulunkulu waluguqula uhlelo. Sifanele sifunde imenu, ngokwentwasahlobo yaKhe. Ngakho uMoya oNgewele uqala ukwembula. Futhi ngemuva kancane, umNdiya weza, futhi wayeyimpumputhe. Ngathi, “Indoda iyimpumputhe. Sonke singakubona lokho. Kodwa iyindoda eganiwe. Inamadodana amabili.” Ngathi, “Ngizopela igama labo. A—angikwazi ukulibiza.” Futhi lokho kwakunjalo impela nje. Ngi—ngangingakwenza.

⁸² Labo abababiza ngamadoda angwele, futhi bonke phandle lapho, nalabo bapristi bakaMohamede, futhi behlezi phandle lapho. Futhi ngakho ba—bazi-ke, bacabanga ukuthi ngangifunda ingqondo yabo, ukufunda umcabango.

⁸³ Futhi ngakho kwenzeka ngibuke emuva, futhi lendoda eyimpumputhe, umbono nje ngaphezulu, yayimi lapho ingibuka. O, he! Niyazi, inceku kaNkulunkulu, uMoya oNgewele, usuvele ulethe i. . .lokho okubhalwe kwimenu, niyazi. Ngiyazi ukuthi yayisivele ilungele ukunikezwa.

⁸⁴ Ngathi, “Manje, bebengitshela namhlanje ukuthi inkolo kaMohamede yiyona enkulu kunazo zonke emhlabeni, nekaBuda, nazo zonke.” Ngathi, “Manje, ngifuna abanye benu bapristi phandle lapho, abapristi bakaBuda, abapristi bakaMohamede, wozani ninike lendoda ukubona kwayo, impela, manje, uma i—inkulu kakhulu. Lendoda ingumkhonzi welanga. Futhi sonke siyazi, thina esikholwayo ukuthi yayinephutha, yakhonza okudaliweyo esikhundleni soMdali.” Ngathi, “Yayinephutha, futhi siyakwazi lokho. Kodwa,” ngathi, “ngokuqinisekile uNkulunkulu onguMdali; futhi indoda izimisele ukuza futhi ikhonze lowoMdali; ngokuqinisekile Ulungele ukuzibonakalisa Yena uqobo.”

⁸⁵ Manje, ngifuna ukusho okuthize. Bengingeke ngikusho lokho nakanye ukuba angiwubonanga lowo mbono. Ngangazi kangcono kunalokho. Uyabona, yilokho esingakufuni, ukuhamba sicabangela. *Ukucabangela* kusho ukuthi “uqhubekela phambili ngaphandle kwegunya.” Yingakho sifuna ukukubheka uma uthi ngu ISHO KANJE INKOSI, hhayi nje ukucabanga, kodwa into ethize oyaziyo ngqo, ngokuyikho, iNkosi ikushilo. Futhi ngizizwe ngiduduzekile kakhulu ngokubona umbono, ngazi ukuthi awukaze wehluleke.

⁸⁶ Futhi ngathi, “Manje, i—i...Uma lendoda inephutha... Manje, abakaMohamede bathi yayinephutha, futhi khona-ke wenza o—o—okaMohamede. Khona-ke, uBuda ubengathi yayinephutha. Futhi amaSikhs, kanye namaJains, futhi nani okunye, bonke bathi yayinephutha. Kodwa ngokuqinisekile kukhona oKulungile ndawondawo.” O, he! O, into ekhazimula kanje pho! Khona-ke ngathi, “Manje, Lowo ozomnika ukubona kwakhe, wethembisa ukuthi uzomkhonza lowoNkulunkulu.”

⁸⁷ Waba yimpumputhe, ngenxa yokubuka ilanga, ngoba kwakungukulunkulu welanga. Niyabo? Futhi wayecabanga ukuthi lokho kwakhokha indlela yakhe eZulwini. Manje, singamkhumbula uKristu, ukuthi A—Akavumanga ukukhipha amehlo akhe, kodwa ukusinikeza ukubona. Niyabo? Ngakho ngakho-ke, futhi uma . . .

⁸⁸ Ngathi, “Manje, Lowo ozoza futhi akhiphe lokhu, ngizosilandela lesosizwe.” Ngathi, “Ngizokhonza Lowo ombuyisela ukubona kwakhe.” Futhi lelo kwakuyiqembu elithule kunawo onke engake ngalizwa. Akekho owake washo. Khona-ke ngathi, “Awu, nango umpristi kaMohamede phandle lapho manje, awuzi ngani umnike ukubona kwakhe na?” Ngathi, “Ngani? Kungenxa yokuthi ungeke. Futhi kanjalo nami ngeke. Kodwa uNkulunkulu waseZulwini wavusa iNdodana yaKhe, uJesu Kristu, Ongikhombise umbono khona manje, ukuthi indoda izokwemukela ukubona kwayo. Uma kungenjalo, khona-ke ngingufakazi wamanga kaloKristu. Futhi uma ikwenza, khona-ke ngingufakazi weqiniso waKhe. Futhi nifanele ni re...Nifanele niphenduke, noma nifanele, uma wena... noma nizobhubhela ezizweni enikuzo manje.” Isikhathi esinje pho! Futhi ngathi, “Manje, uma lokho kungamanga, khona-ke nifanele ningifake endizeni futhi ningibuyisele emuva e-United States, futhi ningaphinde ningivumele ngingene lapha futhi.”

⁸⁹ O, kodwa uma uNkulunkulu wethu engene enkundleni! Indoda, ngokushesha nje lapho sengiyikhulekele, ingabona kahle njengoba ngingenza. Yagijima futhi yadumela imeya ngokuzungeza intamo yase iqala ukuyigona. Futhi, ngani, sasicishe sibe namahora amane. Ngangingenazo izicathulo, kungekho maphakethe ebhantshini lami, futhi umbutho wempi wawungenakumbuyisela emuva, futhi kwakungukugulukudela. Futhi ufanele ubone ukuthi yini. . .

⁹⁰ Kodwa kwakuyini na? UNkulunkulu ofanayo, uNkulunkulu ofanayo ongabiza umlilo, ehlise umlilo, ukususa umhlatshelo waKhe; angaletha uMoya waKhe oNgwele, ukuqinisekisa iZwi laKhe, ukuthi LiyiQiniso, inqobo nje uma uqinisekile ukuthi liyiQiniso.

⁹¹ Manje, u-Eliya wayeqinisekile ukuthi kwakuyiqiniso. Wayelizwile iPhimbo likaNkulunkulu. Akukho mbuzo kuye.

⁹² Futhi akukho mbuzo enhliziyweni yakho kulobubusuku, ukuthi uNkulunkulu namanje usanikeza uMoya oNgcwele njengoba Enza ngoSuku lwePentekoste, kuzokwenzeka. Uma kungekho mbuzo ukuthi Uyaligcina iZwi laKhe futhi aphulukise abagulayo, kuzofanele kwenzeka. Kodwa ufanele uqiniseke ngakho. Ufanele ukubone ngempela ngamehlo angempela okukholwa, bese-ke ukwemukele futhi ume khona lapho.

⁹³ Futhi wayenokuningi ayengakukhumbulela uNkulunkulu, ngenkathi e. . . Manje unokuningi okumele akukhumbule, lokho akwenza ngalezozinsuku.

⁹⁴ Owesifazane onesimilo esibi uJesu amthola enhla lapho eSikari, ukuthi wayengumSamariya, okungukuthi abantu abalahliwe abamkholwa ngempela uNkulunkulu. BabengabaJuda ingxenye noweZizwe ingxenye, futhi babewu—wuhlanga. Babekhohlelwa kuNkulunkulu. Futhi lona omncane, owesifazane onesimilo esibi esimweni sakhe, esoniwe yisono kakhulu, futhi ngeliny'ilanga mhlasiwe wayedumazekile ngawo onke amasiko abadala, amabhodwe namaketela, namawashingi, nokunye nokunye.

⁹⁵ Waphuma ngelinye ilanga waya emthonjeni ofanayo omdala kaJakobe enhla lapho, futhi wayezokwehlisa imbiza yakhe—yakhe, ukukha amanzi. Futhi yena washintsha iziphethu. O, angakhumbula kanjani ukuthi kwakukhona Owayehlezi lapho wathi, “KuYe kwakungaManzi aphilayo.” Into exhuxhumisa kanje kuye, lapho lowo Mthombo ophilayo wembula izono zakhe, futhi wamtshela ukuthi wayenephutha kuphi, futhi wachazelwa ukuthi wayenzi kuye. Futhi kufaka umlayezo enhliziyweni yakhe, lokho kwambeka emlilweni ngenkazimulo kaNkulunkulu; futhi emzini, nakubantu.

⁹⁶ Manje, uyazi, lokho ngempela akukho emthethweni kulelozwe, ukuba owesifazane ukuba adabule emigwaqweni, futhi ikakhulukazi owesifazane onesimilo esibi ophawuliwe. Kodwa ngiyanitshela, lapho esehlaziwe futhi uphuza lawoManzi asemasha, uzama ukummisa na? Kwakunjengokuzama—zama ukucisha u—umlilo, noma indlu eshayo, futhi komile ngempela, futhi umoya ophakeme esimweni sezulu esomile, lokho ngempela kwakuphephetha lawo malangabi.

⁹⁷ Futhi wawungeke ummise, ngoba wayethole into ethize eyayiyiyo ngokoqobo. Izone zakhe zembulwa. Futhi lapho izono zakhe nokungalungile kwembulwa, angakhumbula kulobubusuku, eNkazimulweni. Angakhumbula ukuthi kwakukhona isiPhethu sakhe. Kwakukhona indawo lapho, zonke izivumokholo na—namabandla ayemalile, kodwa nokho wathola umthombo wasogwadule. Wathola indawo lapho kukhona uMuntu othize Owanakekela. Ukujabula okunje!

⁹⁸ Futhi singajabula kanjani naye, thina esasiboshwe phansi ngezivumokholo ezisidonse zasisusa kuNkulunkulu, futhi sathola uMthombo ugcwaliswe ngegazi elimuncwe emithanjeni ka-Emanuweli. Lapho salahla sonke isimo sethu esinesitashi. Futhi—futhi saphuza eMthonjeni futhi sahlumeleliswa. Futhi sikhumbula Lowo owakhokha intengo, ukuze sibe noMoya waKhe phezu kwethu, uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Inkumbulo enje pho ukukhumbula ngayo!

⁹⁹ Ngiyacabanga kulobubusuku ukuthi uHagari wayengaba nokuthize ukucabanga ngakho, futhi, lapho wayekhishiwe, engaquadwanga ngokuyikho. Manje kukhona abaningi bethu lapha ongacabanga ngoHagari, njengoba yena, engaquadakali ngokuyikho.

¹⁰⁰ Ubani ohamba ukuphila okulungile noNkulunkulu, othatha eqondile, indlela engumgcingo, kodwa owaziyo ukuthi kusho ukuthini ukunqondwa kahle na? Angiqondwa kahle. Wonke umuntu, nonke nina bazalwane enizama ukuphila kahle, nani bodadewethu, aniqondwa kahle.

¹⁰¹ Omakhelwane bakho bacabanga ukuthi uyisibonelo esithile esidala, futhi bazama ukukuphosela kuwe. “Awuyithameli ngani lemiphakathi na? Futhi kungani ungenawo lamaphathi amakhadi, lapho izinto na?” Futhi uyazigwema lezozinto. Awuqondwa kahle.

¹⁰² Kanjalo uHagari wayengaquadwa kahle. Futhi wayenomntwana wakhe, u-Ishmayeli omncane, lokho kwakuyisithelo sesibeetho sakhe, kusukela emshadweni osemthethweni kumyeni wakhe u-Abrahama. Futhi waye—wayeyintombazana eyisigqila. Futhi wayenikezwe yinkosazana yakhe, uSara, ku-Abrahama, kumkakhe; okungukuthi, isithembu sasisemthethweni ngalezo zinsuku. Futhi ngokusemthethweni wayekade eyiganile indoda, ngoba wayenikezwe yena. Wayebeletha umntwana, lokho nje kwakuyithemba labo. Akukho lutho owesifazane ayekwenzile ngokuphumile endleleni. Futhi, nokho, engaquadwa kahle yinkosazana yakhe, futhi wakhishelwa ngaphandle ehlane ukuba afe. Indawo enje pho ukuba kuyo!

¹⁰³ Futhi amanzi asetshenziswa ebhodleleni. Umphimbo omncane ka-Ishmayeli wawusuqala ukoma. Wayekhalela amanzi. Kwaba kubi kakhulu. Futhi yinhliziyi kamama kuphela engezwa lokho kukhala kwengane kwencane, izindebe ezihangukile e—ehlane ndawana-thize, zomntwana wakhe kuphela, futhi ewuzwa umzimba wakhe omncane woma, futhi uyafa. Akukhomanzi, amadwala nje nesihlabathi, njengoba ungabuka lapha ezingwadule zasePhoenix. Kungekhondawo. Engaquadwa kahle! Isikhathi esinje pho!

¹⁰⁴ Nango lapho, intombazane eyisigqila, okokuqala nje, futhi wayezame ukwenza ngendlela efanele ayefanele enze ngayo.

Futhi lapha unengane ezingalweni zakhe, futhi ifa. Futhi wayelusizi kakhulu. Wayibeka ngaphansi wesihlahla. Futhi wahamba cishe ibanga lokudubula umnsalo, futhi waguqa phansi wakhuleka. Futhi lapho kwavela umthombo, o, he, “Umthombo waKhe lowo ophilayo futhi ongibonayo mina.” Usamile nanamuhla. Kwabekwa lapho, ngenye indlela. Lowo mthombo usamile njengesikhumbuzo.

¹⁰⁵ Anginayo imfundo eyanele ukulibiza. Kodwa ngi—ngikuzamile, esikhashaneni esedlule, ngenkathi ngibhala amanothi amancane athize. Futhi ngi—ngizamile ukulibiza. Angikwazi ukukwenza. Kodwa niyazi ukuthi kuyini. Ngi—ngikubiza ngenye into, enye. Ngathi, “Kungcono ngingakusho lokho. Kuzobonisa nje ukungazi kwami kakhulu.”

¹⁰⁶ Kodwa into eyodwa engifuna ukuyisho. Ngiyazi lapho kukhona omunye uMthombo owabekwa phansi ngoSuku lwePentekoste. Uvuleke nje kulobubusuku njengoba wawunjalo ngesikhathi wawuvulekile emuva lapho, futhi amanzi asemasha nje kuwo wonke owesilisa noma owesifazane ofuna ukuthatha umgwaqo ofanele neZwi likaNkulunkulu, futhi ahambe naYe.

¹⁰⁷ Ngiza kulomthombo, ngikhumbula uJesu Owenza kwenzeka ukuthi mina, owasezizweni, indodana yesidakwa, ingeza kulowoMthombo futhi ngithethelelwe izono zami, futhi ngiphuze okokuPhila okuPhakade.

¹⁰⁸ O, ingabe uHagari wazizwa kanjani lapho ebone lowo mthombo! Wasindisa ukuphila kwakhe kanye nomntwana wakhe. Yena impela angawukhumbula lowo mthombo wasogwadule, zonke izinsuku zokuphila kwakhe, futhi konke—konke kwedlule esikhathini ukuthi angakukhumbula lokho.

¹⁰⁹ Singaqhubeka futhi siqhubeke, nabalingiswa. Kodwa, ake sicabange lokhu nje, ungakugeji ukubona umthombo wakho manje. Ungakugeji ukubona indawana yokuhlumelelisa eletha ukuPhila.

¹¹⁰ UJesu wathunywa evela kuHerodi uku. . . esuka kuPilatu eya kuHerodi, ukuba abhinqwe. Akugejayo! Ini, kwakuyini indaba ngoPilatu na?

¹¹¹ Futhi khona—ke ngenkathi uPilatu ethumele uJesu kuHerodi, futhi khona—ke uHerodi wayeyisiwula kanjani. Ngenkathi, wayezwile ngaYe, futhi wayezwile ngenkonzo yaKhe. Futhi uPilatu engumJuda. . . Noma, uHerodi, ngikholwa ukuthi kwakunjalo, uHerodi wayengumJuda. Futhi emi lapho phambi kwaKhe! Futhi wayekhona, emi eBukhoneni babo bonke abaprofethi ababeprofethe ngakho, kusukela e—Edene phandle. Emi eBukhoneni, futhi akazange acele ukuxolelwa kwesono sakhe. Akazange—akazange—akazange. . . Angazi noma wake wacabanga, wathatha umcabango wesibili, walokho, Ubani owayemi ngaphambili na? Akazange mhlawumpe azi ukuthi Obukabani—Obukabani uBukhona ayemi kubo.

¹¹² O, wena uthi, “Lokho kwaku—lokho kwakungukwesaba okukhulu! Lokho kwakuyinto engubuwula kakhulu.” Kwakuyiyo. Kwakuyinto ewubuwula kakhulu umuntu ake ayenza. Awu, sicabanga ngo—ngokuthi wayemubi kangakanani.

¹¹³ Kodwa lindani umzuzu. Sinamadoda namhlanje enza into efanayo, ami ngaseMthonjeni ofanayo, futhi asenza iphutha elifanayo alenza.

¹¹⁴ Bonke abaprofethi, iminyaka eyizinkulungwane ezine akhomba kuYe. Kodwa ngoba Akangenanga ngendlela yezivumokholo zabo, bathi Uzofika, baMkhiphela ngaphandle.

¹¹⁵ Lapho, kunjalo impela. Kunjalo impela. Yebo, mnumzane. BasaMkhipha ngaphandle. Abafuni lutho ukuhlanganisa nakho, ngaphandle kokuba kuze ngokwencwadi yabo, niyazi, indlela incwadi yabo efundwayo ekufunda ngayo, niyabo. Kufanele kuze ngaleondlela.

¹¹⁶ O, bonke abaprofethi kwedlule eminyakeni eyizinkulungwane ezine bakhuluma ngaYe, futhi lapha Wema phambi kwakhe, futhi akazange asho lutho, ukucela ukuxolelwa. Nango eBukhoneni, noku—nokugcwaliseka kwawo onke amazwi abaprofethi bamaHeberu, bemi phambi kwakhe ngqo, futhi akazange acele ukuxolelwa. Wavele nje wama lapho. O, lokho kwabayinto embi!

¹¹⁷ Kodwa senza okufanayo namhlanje. Kuphela, simile ngakuYe, emva kweminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha. Senza iphutha elikhulukazi kunoHerodi, noPilatu, no—noKayafase, nabapristi bangalolosuku, ngoba sineminye iminyaka eyizinkulungwane ezimbili ngaphezulu yokwengezela kokurekhodiwe. Futhi sisalokhu senza lelophutha elifanayo. Nje, mina nje. . .

¹¹⁸ Ngicabanga ukuthi—ukuthi uHerodi akazange ngisho anikeze umcabango ojulile ngakho.

¹¹⁹ Manje, ngiyamangala nje ukuthi sicabanga ngokubalulekile kangakanani ngaLokhu. Uzama ngokubalulekile kangakanani ukunaka leliZwi na? Lisho ukuthini leloZwi kuwe na? Uyazi yini ukuthi nguNkulunkulu esimweni sombhalo na? Kodwa sigibela ngqo phezu kwalo, ngenxa yohlobo oluthize lwesivumokholo, futhi sithi, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule. UDkt. Jones washo *ukuthi-nokuthi*, ngakho lokho kuyakuxazulula.” Futhi, nokho, leli Bhayibheli libekiwe kuzo zonke izitolo zezincwadi, cishe impela, isitende seBhayibheli, amabandla. Futhi abefundisi, nokunye nokunye, bemi lapho, futhi befunda ngaphezu kwakho, futhi bengakunaki, ngenxa yesivumokholo, bezama ukukubeka emuva komunye unyaka.

¹²⁰ Njengoba ngiphawulile, kabili noma kathathu selokhu ngibe sePhoenix, kwangishaya kanjalo. Amadoda angaleyo ndlela. Bahlala njalo bedumisa uNkulunkulu ngalokho Akwenza, futhi babheke phambili kulokho Azokwenza, futhi benganaki

lokho Akwenzayo khona manje. Bayakwenza. Bayehluleka ukukubona.

¹²¹ Manje, mhlawumpe uHerodi wayengamdumisa uNkulunkulu ngalokho Wakhipha abantwana ehlane, kanjalonjalo. Futhi bathi, “Ngolunye usuku Uyothumela uMesiya. Udumo kuNkulunkulu! SizoMbona ngaleso sikhathi.” Futhi nakhu Wayekhona, emi phambi kwabo, futhi abazange baMazi.

¹²² “Wayesezweni, nezwe lenziwa nguYe, futhi izwe aliMazanga. Kodwa abaningi abaMemukela, kuye...wabanika amandla ukuba babe ngamadodana kaNkulunkulu.” Ngiyakuthanda lokho. Yebo, mnumzane.

¹²³ Lapho eBukhloneni baKhe, ngiyacabanga akazange athathe umcabango ojulile ngakho.

¹²⁴ Futhi abaningi namhlanje benza into efanayo, abakuthathi njengokubalulekile. Abathathi umcabango ojulile. Bacabanga ukuthi, “Manje lapha, ngiya esontweni, futhi ngilunge nje njengawe.”

¹²⁵ Manje, awufuni nje ukuthatha lesosimo sokuziphatha. Ungahle ube ngolungile njengami, futhi ungabi ngolungile nhlobo. Niyabo? Kodwa ufuna ukungathathi noma yimuphi umuntu abe yisibonelo sakho. Ufuna ukwenza uNkulunkulu abe yisiBonelo sakho, uJesu Kristu, futhi ufuna ukuthatha iZwi laKhe. Futhi uma unga . . .

¹²⁶ Manje, khumbulani, iBhayibheli lathi, ngaleya encwadini yeSambulo. Lesi yisambulo esiphelele sikaJesu Kristu. “Noma ubani osusa iZwi elilodwa eliphuma kuLo, noma afake izwi elilodwa kuLo, ingxenye yakhe iyokhishwa eNcwadini yokuPhila.” Ngakho Leso yiSambulo.

¹²⁷ “UNkulunkulu endulo nangezindlela eziningi,” amaHeberu 1, “wakhuluma kobaba ngabaprofethi, kodwa kulolu izinsuku zokugcina ngeNdodana yaKhe, uKristu uJesu.” Futhi, uKristu, ezembula Yena uqobo, ezenza Yena aziwe, ethatha iZwi laKhe futhi nje eLenza likhule.

¹²⁸ Ngimile ngeliny’ilanga, ngikhuluma, ngiyakholwa, noMfowethu Carl Williams, kwakukhona isundu. Ngikholwa ukuthi kwakuyilo Mfowethu Carl, noma umuntu mumbé. Futhi ngathi, “Akusiso isihlahla esihle lesa na?”

Wathi, “Yebo.”

Ngathi, “Kuyini? Umlotha wentabamlilo.”

¹²⁹ Yilokho kuphela okuyikho, uthuli lomhlaba, nokuphila kuwo. Futhi lokho kuphila kwakuwuhlobo oluthize lokuphila, lwenziwe isundu. Ngapha kumi elinye, kuwuhlobo olwehlukile lwesihlahla. Umkhiwane. Kuyini na? Umlotha wentabamlilo ovela emhlabeni, nokuphila komkhiwane kuwo.

¹³⁰ Awu, sibukeni. Siyini na? Okufanayo nalesosihlahla, umlotha wentabamlilo, kodwa nokuphila komuntu kuwo. Futhi lokho kuphila komuntu okomhlaba, futhi kufanele kubuyele emhlabeni.

¹³¹ Kodwa kukhona ukuPhila okuvela Phezulu, ukuthi, umuntu, uphila ngalokho kuPhila. NgukuPhila okuPhakade.

Kungubuwula kanjani! Besingeke sikunakisise ngokweqiniso lokho, bangani na?

¹³² Manje, akusiwo amadlingozi. Akusikho ukugcina izivumokholo. Kungulwazi lwesipiliyoni. NgukuZalwa. Kuqala, ufanele ukuzwe ukufa ngaphambi kokuba ukufakazise ukuZalwa. Njengo, qondanisa lokho: ukuzwa ukufa, bese-ke ufakazela ukuZalwa. Noma iyiphi imbewu ifanele yenze into efanayo. Futhi leMbewu inguNkulunkulu. Futhi uma Ifakwe enhliziyweni yakho, izeza ukuZalwa kwendodana kaNkulunkulu.

¹³³ Futhi yile yondlela uJesu ayeyiyo ngenkathi Wayesemhlabeni. Wathi, “Ngubani ongaNgilahla ngesono na? Ngubani ongaNgisola, njalo, ngesono na?” *Isono* ngu “kungakholwa.” “Uma—uma ungaNgikhohla, kholwa imisebenzi.” “Hlolani imiBhalo. KuYo nicabanga ukuthi ninokuPhila okuPhakade. YiYo efakaza ngaMi. YiYo eshoyo ukuthi Ngingubani. Futhi uma Ngingahlangabezani naleso sindingakalo, khona lokho nje impela umBhalo okushoyo, uBaba athi Ngizobayikho, lapho Ngifika; uma Ngingahlangabezani nalokho, khona-ke Ngenze iphutha.”

¹³⁴ O, uma thina maKristu, uma thina befundisi, uma thina madoda, abesifazane, amaPentecostal, futhi nathi sonke, uma singeke sathatha lokho uNkulunkulu athi iBandla laKhe lifanele libe yikho, uma singeke salinganisa umumo Awusho, khona-ke singahlwa ngesono, sokungakhohla. Sizama ukusho ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedule, futhi zonke lezi ezinye izinto, *lokho, nokunye-nokunye*, futhi *okunye-nokunye*, khona-ke singasolwa ngokungakhohla. Ngokuba, sinye kuphela isono, futhi lokho ngokungakhohla. “Ongakhohla uvelele ulahliwe.” Niyabo? Awufiki ngisho esisekelweni sokuqala uma ungakhohla. “Lowo oza kuNkulunkulu umele akholwe ukuthi unguYe, noMvuzi walabo abamfunisisayo.” Ngakho kuthiwani uma ibandla . . .

¹³⁵ Yilokho uNkulunkulu akufunayo. Yilokho uNkulunkulu azoba nakho, isigejane sabantu abangathi, “Yini uJesu Kristu ayethembisa na? Yini eyethenjiswa kulezi izinsuku zokugcina okungabonakaliswanga ngathi na?” Amen. Khona-ke singahlala phansi, siMkhumbule, siMkhumbula lapho sibuthana ndawonye.

¹³⁶ Uma kukhona noma yini esishoda ngakho, asikwenze. Uma kukhona noma yini eshodayo kithi, asibuyele kulokho.

Asikhumbule Akudingayo, hhayi lokho esicabanga ukuthi besifanele sibe nakho, kodwa lokho Athi sifanele sibe nakho. Niyabo? Sifanele sibe nakho ngaleyondlela, indlela Akusho ngayo. Kodwa angazi uma nje si . . .

Sithi, “Awu, ngi—ngi—ngingowa *lokhu*.”

¹³⁷ Ngiyamangala ukuthi ukunikeze umcabango ojulile, ukwazi ukuthi lokho akusho lutho kuNkulunkulu. Lokho akusho lutho. UHerode mhlawumpe—mhlawumpe wathi, “Awu, manje awulinde nje umzuzu lapha. Uyazi ukuthi ngingubani na?” Niyabo? Akazange acabange ngokujulile. Futhi sifanele sicabange ngokujulile.

¹³⁸ Niyazi ukuthi wenzani na? Ngenkathi uKristu ebekwe phambi kwakhe, okokuqala, ukuthi bonke abaprofethi, izazi, futhi phansi kwedlule eminyakeni, lokho kwakukhuluma ngaLowo ozayo. Futhi lapho Wama ngqo phambi kwakhe. Niyazi, owakhe . . . i . . . Ngalelohuba, uNkulunkulu abeka ngalo uKristu ngaphambi kukaHerodi, wacela kuphela ukubungazwa.

¹³⁹ Ngiyamangala, bazalwane. Ake sicabange ngokujulile manje. Thina bantu bePentecostal, ngiyamangala uma simukela uMoya oNgcwele nje ukubungaza na? Kodwa kunokuningi kunalokho okuhambisana naWo. Kunokuphila okumelwe kuphilwe. Ngiyamangala uma lokho kuyisithiyi samabandla ethu namhlanje, bazalwane. Ngiyamangala uma kungalesizathu ukuthi sisesemuva lapha ehlane, sizulazula nxazonke, esikhundleni sokuba phezulu eZweni lesethembiso, siqoba zonke izinto na? Ngiyamangala uma kungekho-nto esingayicabanga ngokujulile ngokwenele ngakho. Niyabo? Ufanele ucabange ngokujulile.

¹⁴⁰ Ukuba uPilatu wayekwenzile lokho, wayeyoMkhulula. Uma—uma uHerodi wayekwenzile lokho, wayeyoMkhulula. Kodwa akacabanganga ngokujulile, ithuba lakhe lokuqala.

Futhi khona-ke wenzani na? Wafuna amanye amacebo okuphamba.

¹⁴¹ O, bona, yilokho okuyikho namhlanje. Bafuna ukwenza ubuKristu icebo lokuphamba, uhlobo oluthize olungumkhutshana omncane onalo esandleni sakho. Futhi, lalala, bantu bePentecostal, yibani abaqotho ngokujule kulezi zinto. Uma ukhuluma ngezilimi, futhi unikeza incazelo, qiniseka ukuthi leyo incazo. Niyabo? Ungabi nawo umkhutshana. Kungani ufuna umkhutshana, lapho uNkulunkulu enento yangempela yakho na? Niyabo? Kungani wemukela isibambiso, lapho izibhakabhaka zigcwele okwangokoqobo. Niyabo? Niyabo? Sifanele sibe qotho. Ungazami ukuba nohlobo nje lokunganaki futhi ukwedlule. Asifanele sikwenze lokho. Asifanele sifune amacebo okuphamba.

¹⁴² Sifanele sicele inkonzo. Amen. “Nkosi, uma ngifanele ngibe umata, ngenze ngibe umata omuhle kunabo bonke

Owake waba nabo. Noma yini engifanele ngibe yiyo, mangibe yikho.” Hhayi, “Ngenze. . . Uma ngingeke ngibe uBilly Graham, noma u-Oral Roberts, ngani, ngeke ngibe nguye nhlobo.” Niyabo? Ngani, ungumcabango nje kakhulu njengokaBilly Graham no-Oral Roberts, uma—uma une. . . uma ungumata, uma ungokaNkulunkulu. UNkulunkulu udinga umata; U—Ufuna umata omuhle. Yilokho kuphela. Niyabo? Akunandaba.

Kodwa siyahambisana, sicabangela ukuthi sifanele sibe *yilokhu* noma *lokho*. Ungakwenzi lokho.

¹⁴³ Vele ucele inkonzo nje, noma ngabe kuyini. Niyabo? Noma ngabe kuyini, vumela uNkulunkulu akhethe inkonzo yakho. Niyabo? Futhi khona-ke uma Ekunika inkonzo, khumbula ukuthi nguJesu okuholele lapha. Wazalelwa leyonhloso. Yiba i—inceku enhle kuYe, noma ngabe kukuphi. Yebo.

¹⁴⁴ UJesu wathi, “Ningibizelani nge ‘Nkosi,’ futhi ningenzi izinto enginitshela ukuba nizenze na?” Sifanele sitadishe umBhalo. Sifanele sithole ukuthi luyini uhlelo lukaNkulunkulu nepulani. Wathi, “NiNgibiza nge ‘Nkosi.’” Wathi, “Kodwa kungani niNgibiza nge ‘Nkosi,’ lapho ningazeni izinto lezo—lezo eNginiyale ukuba nizenze na?” Niyabo? Yebo.

¹⁴⁵ *Nkosi* ngu “bunikazi.” Umqashisi ungumnikazi we—wezwe. Futhi abantu, namuhla, bazomamukela ngenjabulo uJesu ngokuba uMsindisi. A—abafuni ukuya esihogweni. Bazo—bazoMamukela njengoMsindisi. Kodwa uma kufika e “Nkosini,” o, qhabo. Hhe-e. Niyabo?

¹⁴⁶ Nkosi, ngukuthi, wena ube impahla yaKhe. Uma Efuna umata waphansi, Ukwenza umata waphansi. Futhi uyajabula nje, umata waphansi, njengoba ubungaba i, nkanyezi yokusa. Niyabo? Niyabo? Niyabo? U—u—ufuna. . . Si—sifuna. . .

¹⁴⁷ Asifuni ukuba naYe eyi “Nkosi.” Sifuna uMsindisi, kodwa asiyifuni i “Nkosi.” Khona-ke Uyafika “iNkosi,” futhi Ukhuluma nawe mayelana nezinto ezithize zeZwi. “Awu, manje mina, a—angazi ngaLokho manje, niyabo. Awu, nje. . . Angikwazi nje ukuzicabanga ngenza Lokho,” nina manenekazi lapha.

Uthi, ngizokhathala emva kwesikhashana. Qhabo. Angeke.

¹⁴⁸ Ngizoba njengomfo owasho ngesinye isikhathi, wahamba ukuyoshumayela emvuselelweni. Wathi washumayela ngokuphenduka; ubusuku besithathu, ukuphenduka; ubusuku besine, ukuphenduka. Washumayela iviki eligcwele ngokuphenduka.

¹⁴⁹ Futhi umelusi webandla nabanye babo, babuyela emuva futhi bamtshela, bathi, “Mfowethu, si—siyayincoma ngempela intshumayelo yakho. Kodwa awunayo enye na?”

¹⁵⁰ Wathi, “O, yebo, mnumzane.” Wathi, “Nginayo enye. Kodwa mabaphenduke bonke, khona-ke ngizoshumayela ngenye into.” Ngakho, yebo, mnumzane.

¹⁵¹ Makuthi ibandla liqale ngo-ABC balo. Khona-ke sizoya kongwaqa ngaleyonkathi, kanjani—kanjani ukuba ngabaprofethi, nokuthola izipho, nokunye nokunye kanjalo. Kodwa asiqale sifunde lesi sinyathelo sokuqala, kuqala. Funda ukuhamba ngaphambi kokuba ugijime, uyazi. Ngakho, futhi uma ukhandlekile inceku eyamukela izivakashi, uzokwenzenjani na? Kulungile.

¹⁵² Kodwa si—sifuna ukukhumbula iNkosi yethu. Yilokho ozofanele ukukhumbule, ukuthi nguYena omkhonzayo. Awuzitholi leziziphiwo nje ukuba ube nenjabulo ngazo. Kunjalo. Empeleni, baningi abakhuluma ngeziziphiwo, ukuthi ngiqinisekile, kusukela endleleni abenza ngayo, abazi ukuthi kuyini. Niyabo? Niyabo?

¹⁵³ Isiphiwo, iziphiwo zikaNkulunkulu, nezinto, akuzona izinto okudlalwa ngazo nje. Iziphiwo zikaNkulunkulu zinomusa, futhi ziyakhandlana. Ziyakhathaza. Akenzanga uJa-...EBukhoneni bukaNkulunkulu, akusikho ukumemeza. UBukhona, lokho nje yizibusiso zikaNkulunkulu Azithululela phezu kwakho. Niyabo? Kodwa uBukhona bukaNkulunkulu buyinto ekhathazayo.

¹⁵⁴ Angifuni nikhohlwe ukuthola leyoteyipu, uma ningakwazi, *Banumzane, Sikhathi Sini na?* Futhi khumbula lokho.

¹⁵⁵ UJakobe, ngenkathi wayelele emcamelweni, idwala, ngobunye ubusuku. Futhi iNkosi yabonakala kuye ngombono, futhi wabona iziNgelosi zehla futhi zenyuka. Lapho evuka, wathi, “Lena yindawo esabekayo, ayikho enye ngaphandle kwendlu kaNkulunkulu.” Indawo esabekayo!

¹⁵⁶ Ngenkathi u-Isaya umprofethi wayeprofethile iminyaka eminingi, ngaphansi kuka-Uziya. Futhi lapho u-Uziya esesusiwe kuye, ngoba wazama ukuzithathela ingxenye yompristi, futhi washawa ngochoko futhi wafa. Futhi u-Isaya mhlawumpe wayeneminyaka engamashumi amane ubudala, amashumi amahlanu. Futhi wayekade engumprofethi, o, kusukela eseyingane, ngoba abaprofethi bayazalwa. “Iziphiwo zabo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka.” Futhi nakho lapho ayekhona, u—umprofethi weNkosi, ezansi phakathi lapho, ekhuleka, ngolunye usuku, futhi evuma izono zakhe ezansi e-altare.

¹⁵⁷ Futhi khona manjalo, wangena eBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi wabona uNkulunkulu ehlezi eZulwini, nesitimela saKhe. Wabona amaserafi nobuso baWo obungcwele busithwe ngamaphiko, nezinyawo zaWo zimbozwe ngamaphiko, futhi endiza ngamaphiko, ememeza, “Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu uMninimandla onke.” Ya.

¹⁵⁸ Futhi u-Isaya wakhumbula ngaleso sikhathi ukuthi uhambo lwakhe oluncane lwalungelukhulu kakhulu. Wayekhalela ini na? Wayazi, isiphiwo sakhe—sakhe, wayengenzanga kahle ngaso. Wayekude le. Wathi, “Nkosi, ngingumuntu ozindebe zingcolile, futhi ngi—ngi—ngihlala phakathi kwabantu abanezindebe ezingcolile.” Futhi khona—ke iNgelosi...Niyabo, kuyinto esabekayo. Wathi, “Maye kimi.”

¹⁵⁹ Akusiyo into yesibusiso, nokumemeza, nokudazuluka. Lokho kulungile. Manje, khumbulani, angikulahli lokho. Kodwa, ngiyanitshela, lokho akusikho engikhuluma ngakho.

¹⁶⁰ Ngamandla noBukhona bukaNkulunkulu, okuletha ukwesaba okungcwele okunjalo, kuze ukuba ukhubazekile eBukhloneni baKhe. Uyokhumbula njalo. Uyakukhumbula.

¹⁶¹ Futhi u-Isaya wakhumbula, inqobo uma wayesaphila nje. Ngiyacabangela, lapho amasaha lalisika linqamula emzimbeni wakhe, wayesazikhumbula lezo ziNgelosi zimemeza, “Ingcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu!” Ngokuqinisekile.

¹⁶² UJakobe, emahoreni akhe okugcina, wayengazikhumbula lezo ziNgelosi zenyuka futhi zehla, futhi kwakuyinto eyesabekayo kakhulu kuye.

¹⁶³ Akusikho lokho abantu abacabanga ukuthi kuyikho. Yinto eyehlukile. Esidinga ukukwenza ukuza singene eBukhloneni baKhe, siMkhumbula, ukuthi Wasiletha lapha hhayi ukuzodlala, kodwa okwenkonzo, wasingenisa lapha ukuba si—siMsebenzele.

Wayenento ezithize ukuyikhumbula.

¹⁶⁴ Kuthiwani ngoJuda Iskariyotho na? Unokuthize ukuba akukhumbule, futhi. UJuda unento ethize ayikhumbulayo kulobubusuku. Ngokuqinisekile unakho. Futhi uzohlala njalo ekukhumbula. Ngokuqinisekile. Kungani na? Wathengisa ngeNkosi uJesu ukuzizuzela siqu sakhe.

¹⁶⁵ Ngiyamangala, kulobubusuku, uma kungekho abanengi abenza leyonto efanayo namhlanje, uthengisa ngobuzibulo bakho okokuzizuzela siqu sakho, lapho ubufanele ube semlilweni ngenxa kaKristu. Lapho ubufanele uMenzele okuthize, uMsebenzele, noma okuthize, uyahamba ujoyine ndawo—ndawo lapho ongaphila khona noma ngayiphi indlela oyifunayo futhi ube usalokhu uzisho ukuthi ungumKristu. Yilokho izwe elikubhekile kulobubusuku. Izwe, ngithe, hhayi okholwayo.

¹⁶⁶ Okholwayo ufuna yonke indlela eqondile angahamba ngayo, ukuze alunge.

¹⁶⁷ Kodwa ongakhulwayo ufuna ndawana—thize lapho angahamba khona futhi nje agcine ukuvuma kwakhe komKristu, bese kuthi—ke aphile nje noma ngayiphi indlela ayifunayo. Yilokho lesisizwe esikufunela umongameli, futhi yilokho abanakho. Khona impela. Yilokho i—yilokho ibandla

elikufunayo, yilokho abanakho. Yebo, mnumzane. Yilokho okutholayo.

¹⁶⁸ Kodwa ikholwa lifuna ukuthola yonke into isusiwe nya. “Ufuna ukubeka eceleni sonke isono, nokusindayo okuthandela kakhulu kakhulu kuye; ukuze agijime ngokubekezela ohambweni olubekwa ngaphambi kwakhe, ebheke kuMqalisi noMphelelisi woKholo lwethu, uJesu Kristu.” Yebo. Ukukhumbula Yena, njengoba sibeka eceleni konke okusindayo. Abesifazane bavumela izinwele zabo zikhule. Amadoda ayeka ukuba nguRicky, futhi angene ebandleni futhi enze lokho okulungile, nalolonke loluhlobo lwento. Futhi abelusi namadikoni emabhodini abo, beganwe kathathu noma kane; nazozonke lezizinto, bexegisa, ngoba bakhokha kanzima epuletini nakho konke; bedingeka badele izinhlango ezithize ngoba zikutshela ukuthi *lokhu* Yikho, futhi iBhayibheli lisho okuthize okwehlukile. “Beka eceleni sonke isisindo.”

Khumbula uJesu. Uba ngongathandwa kakhulu.

¹⁶⁹ URabi omncane Wayengomunye wamaDoda amakhulu ezweni, ngosuku ngenkathi Wayephulukisa abagulayo futhi enza yonke into kahle, enza abantu baphulukiswe, futhi enikeza ukubona ezimpumphutheni, ekhombisa abantu, futhi ebonakalisa uNkulunkulu ngabo, ngomcabango wengqondo yabo uqobo. Wayengakhuluma kubo. WayenguRabi omkhulu.

¹⁷⁰ Kodwa ngeliny’ilanga Wahlala phansi futhi waqala ukubatshela iQiniso leVangeli. Akabanga othandwa ngabantu kusukela ngaleso sikhathi kuqhubeke. Qhobo, Akazange. Into yokuqala niyazi, futhi lonke iqembu lahamba. Futhi khona-ke abangamashumi ayisikhombisa bathi, “Lokhu kulikhuni. Ubani ongakuqonda na?” Futhi basuka bahamba.

Khona-ke Wama futhi wabuza abafundi, “Nani nifuna ukuhamba na?”

¹⁷¹ Bathi, “Siyakuyaphi, Nkosi na? Wena, wedwa. Sithengisile. Sikulungele, kungakhathaleki ukuthi kuyini. Sikulungele ukuhamba.” Masikhumbule Yena kanjalo.

¹⁷² Khumbulani, WayeyiSibonelo sethu. Wenze konke, walahla wonke umFarisi, walahla yonke into yezwe, wadabula izwe kungenabala kuYe. WayeyiWundlu elihlolwe nguNkulunkulu. Wathi, “Lo yiNdodana yaMi ethandekayo. Ngithokozile ngaYo.” Wayephila impilo enjalo.

¹⁷³ Futhi khona-ke Wathatha sonke isono sezwe, isono sami nesono sakho, futhi wasibeka phezu kwaKhe. Futhi khona-ke ngisho izithukuthuku ziphuma eshiyeni laKhe elingcwele, njengamaconsi eGazi, ekhafula lapho. Hhayi ngoba ukuthi Wayenecala, kodwa kwakuyicala lami ukwenza lokho, necala lakho.

174 Futhi uma Engenzela wena nami lokho, singama kanjani ngaphansi kwezimfundiso-ze ezithize nombedo wezwe, nezinto zalolusuku lwesimodeni na? Sifanele sikhumbule iNkosi yethu, sikhumbule lokho Eyakukhokhayo ngalenhlawulo yensindiso. Ungalokothi ube namahloni ngakho. “Yiba ngolungele unikeza noma yimuphi umuntu ukuzibophezela ngenxa yethemba elihlezi ngaphakathi kuwe.” Sifanele sikwenze lokho, bazalwane.

175 Sifinyelela emahoreni okugcina manje. Ilanga liyashona. Impucuko ivela eMpumalanga. Manje isisoGwini lwaseNtshonalanga. Ingeke isaqhubekela phambili. Isithiyo silapho, futhi sonke isono sezwe siqwebelana phezulu, futhi sigingqikela enhla emagagasini okudumala aseHollywood. Kungqubuzeke kwathi ngqu emuva ebandleni. Futhi isikhathi esinje pho okuyiso! Sifanele sikukhumbule lokho, bazalwane.

176 Ukukhumbula iNkosi yethu. Ubeyokwenzani ukuba Ubemi lapha namhlanje na? Ubeyobambelela kuleloZwi. Phakathi kwaso sonke isilingo, Ubeyomela leloZwi. Wakwenza. WayeyiSibonelo sakho.

177 Lapho uSathane eza kuYe futhi wathi, “Phendula lawa matshe abe yisinkwa,” Wathi, “Kulotshiwe...” Niyabo, njalunjalo ngeZwi likaBaba. Sifanele sikhumbule futhi senze into efanayo. WayeSibonelo sethu. Yebo, mnumzane.

178 Labo bapristi bangalolosuku bayoba nokuningi ukukhumbula, futhi. Bayakukhumbula kulobubusuku ezweni labalahlekile.

179 Wena uthi, “Mfowethu Branham, ubungababiza labobapristi...? Abapristi abangcwele, ukuthi, babengamadoda amesabayo uNkulunkulu.”

180 Manje, lindani umzuzu. Bazenza abamesabayo uNkulunkulu. Babenobungcwele bamanga, ubumnene bamanga obabungesibo ngempela obukaNkulunkulu. UJesu wabatshela ngokucacile ukuthi, “Ningabakayihlo udeveli, futhi imisebenzi yakhe nizoyenza.” Futhi Wabatshela ukuthi babeyini. Futhi banokuningi ukuba bakukhumbule, futhi. Ngoba, lapho bebone lokho kubonakaliswa kwangoqobo kukaMesiya, efakazisa ukuthi WayenguMesiya, baKwala ngamabomu futhi bathi Kwakungumoya omubi wenza lokho. Bathi, “KwakunguBelzabule.”

181 Futhi uJesu wamemezela ukuthi lokho kwakuyinhlamba. “Oyokhuluma izwi ngokumelane noMoya oNgcwele akasoze athethelelwa.” Banokuningi ukuba bakukhumbule. Asingayithathi indawo yabo, bazalwane. Makuthi isabelo sethu singabi njengesabo.

182 Kodwa ukuba bengifanele, mangibe njengoNathanayeli, ngithi, “Wena uyiNdodana kaNkulunkulu. UyiNkosi ka-Israelyeli.” Mangime njengomunye walabo. Mangime.

183 Makuthi nina besifazane nime njengowesifazane emthonjeni, ukuthi umi kanjani kulobubusuku. Unokuningi ukuba akukhumbule, njengoba sikhulume ngakho. Wathola umthombo.

184 Futhi manje, labo bapristi, bayoba...Bakwenzelani na? Ngenxa yomhawu oluhlaza-cwe. Yileyo ndlela kuphela. Babenentshisekelo ngesivumokholo sabo. Babenjalo. Babenentshisekelo ngamasiko abo. Amalunga abo ayemise isiko elaliphambene neZwi, futhi babenentshisekelo yalelosiko.

185 Bazalwane, makuthi nina nami singaphenduli ngalokho, intshisekelo yanoma yiliphi isiko. Asikhumbule uJesu, ukuthi Wayeyini. Hlalani nalokho Akushoyo. Ngomhawu nje oluhlaza-cwe, benza lezizinto. O, into enje pho! Yebo, mnumzane. Ba . . .

186 Indoda ecebile inokuningi okumele ikukhumbule, futhi. Yanikwa ithuba lokwemukela uJesu Kristu, kodwa yayithanda izindumiso zabantu kakhulu kunezindumiso zikaNkulunkulu. Futhi, khumbulani, iBhayibheli liyasho ngokuacile ukuthi yakukhumbula emva kokuba isifile futhi isisesihogweni, futhi umlayezo ubuyele kuyo, “Khumbula, ngesikhathi sakho sokuphila, wabanalo ithuba.”

187 Futhi Phoenix, unalo ithuba. Izwe linalo ithuba. Ungalivumeli linqamule indlela yakho futhi wehluleke ukulibona, njengoba kwenza uHerodi na—na—nabaningi babo.

188 Manje, bakhombisa ukuthi labobapristi empeleni babazi ukuthi WayeNgubani, ngoba uNikodemu wakuzwakalisa lapho efika. Wayengomunye wezinduna zabaFarisi. Wathi, “Rabi, siyazi ukuthi Ungumfundisi ovela kuNkulunkulu, ngoba akekho umuntu ongenza lezizinto uma uNkulunkulu ubengenaye.” Niyabo, babekwazi. Kodwa, niyabo, babedingeka bakukhumbule lokho. Babazi kangcono, kodwa abakwenzanga.

189 Vumela isivumokholo sakho sikucindezele phansi, kusukela embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, ngoba bakutshela ukuthi ayikho into enjalo.

190 Lapha ezinyangeni ezimbalwa ezedlule, ngangiphumile ngisesibhedlela ukukhulekela owesifazane, edolobheni lakithi e-Indiana. Futhi kwakukhona inenekazi elincane lilele lapho, lifuna ukuthola ukulungisana noNkulunkulu. Lalikade... Lalingumhlubuki. Lake lafika ebandleni lami. Labuye labuyela emuva laphuma. Futhi, kusobala, amademoni ayisikhombisa angena, emabi kakhulu kunoma ayenjalo. Futhi lalilele lapho, esibhedlela, lifa.

Lathi, “Mfowethu Branham, angifuni ukufa kanje.”

191 Futhi ngathi, “Kulungile, dadewethu. Awudingeki, uma usenaso isifiso enhliziyweni yakho ukukhonza uNkulunkulu. Akakaze akushiye. WaMshiya, kodwa Akakaze akushiye. Manje ungakwazi, uma ungakwazi.”

Lathi, “Ngi—ngiyafuna, Mfowethu Branham.”

Ngathi, “Kulungile, sizokhuleka.”

¹⁹² Kwakukhona elinye inenekazi lilele lapho, nezindebe zalo zehlile, langibuka nge...njengokungathi lalingagijima kimi, futhi lona nendodana yalo. Lalilele embhedeni; liya ekuhlinzweni, ngosuku lwakuthangi. Futhi ngathi...Futhi ngalibona lihamba, libuka indodana yalo, lingibuka.

¹⁹³ Futhi—futhi ngathi, “Ungaphatheka kabi uma singaba nezwi lomkhuleko na?”

Lathi, “Donsa lelo khethini.”

Ngathi, “Awu, mina...Ngabe uyikholwa na?”

Lathi, “Ngithe, ‘Donsa lelo khethini.’”

Ngathi, “Ngikucelile nje.”

Lathi, “Ngizokunika ukuba uqonde, singamaMethodisti.”

Ngathi, “Awu, lokho kuyakuzwakalisa impela, niyabo.”
Niyabo?

¹⁹⁴ Kwakuyini na? Lalingafuni ukubona omunye umuntu, lowo ozihluphekelayo, owesifazane ohlubukile ebuyela kuNkulunkulu. Manje, lalikade liyiMethodisti, kwakungokwehlukile, niyabo. Alimkhumbulanga uJesu lapho niyabo. Lavele lakhumbula isivumokholo salo.

¹⁹⁵ Khumbula nje. Kulungile. O, into esabeka kanje okuyoba yiyo ngaloloSuku lokwaHlulelwa.

¹⁹⁶ Emavikini ambalwa edlule ngangigibele izitebhisi ezizihambelayo eLouisville. Ngangenyukela ukuyohlolwa, ukuhlolwa komzimba, kudokotela ongumngane wami, ukuthola i—i—invume, ukuze kuthi uma ngifuna ukuya phesheya kwezilwandle noMfowethu Rowe nabo ngokushesha. Futhi ngakho ngacabanga ukuthi ngizothatha umzimba wami ngesikhathi ngisenethuba, futhi ngenyuka.

¹⁹⁷ Lapho—kwakukhona abanye abantu ababenathi, benyuka kwiphansi lendlu. Senyukela phezulu, cishe izitezi eziyisishiyagalombili, eLouisville, futhi esakhiweni, futhi, ngakho, isakhiwo iHeyburn. Futhi lapho sengiphezulu cishe ngokuphakama njengoba singakuthola, ukuma, lezi... Omunye walabafo wayephuza kancanyana, ngiyacabanga. Waqalaza, wathi, “Awu, bafana, ngiqagele lokhu okuphakeme kakhulu esingake size sikuthole.” Wathi, “Kungcono sihambe.” Angizange ngisho lutho. Wayengazi ukuthi ngangingumshumayeli. Ngakho, ngalindela nje ukuhamba.

¹⁹⁸ Ngathi, “Umzuzu nje. Lokho kuphawula okwenzile.” Ngathi, “Uma sethembele ekufanelekeni kwethu uqobo, lokhu kuphakeme njengoba singake size sikuthole, kodwa,” Ngathi, “uma sizothembela kuJesu! Khumbula Yena.” Amen.

199 Singenyukela phezulu, lapho sidlula, njengoba abaculi bakaMfowethu Outlaw basho ngobunye ubusuku, uJupiter, Venus, Neptune, Mars, Milky White Way, futhi kuqhubeke, futhi kuqhubeke, futhi kuqhubeke. Awukho umehluko. Ngaphesheya kwaso sonke isimo sokuhamba kwelanga, emazulwini eZulu! Ngiyajabula ngalokho.

200 Khumbulani nje ukuthi Waqhubeka phambili futhi ngaphezu kwezinto ezinjalo. Yebo. Uma sithembela ekufanelekeni kwethu, ngokuqinisekile silahlekile. Kodwa uma sithembele ekufanelekeni kwaKhe, sisindisiwe.

201 O, singakhumbula uJesu emseni waKhe, ukuthi Wasiphakamisela phezulu futhi wakwethembisa, ukuthi, ngisho namanje, khona manje, asidingekile ukuba siboshelwe emhlabeni. Niyabo? Asiboshelwe emhlabeni manje. Siboshelwe eZulwini. “Sesivele sifile. Ukuphila kwethu kufihliwe kuYe, ngoKristu.” Futhi sivusiwe kanye naYe; hhayi, asi—asifile naYe. “Sivusiwe kanye naYe, futhi sihlezi ezindaweni zaseZulwini.”

202 Ukukhumbula Yena, ukuhlala ezindaweni zaseZulwini! “Nini, Mfowethu Branham na?” Khona manje. Yebo. Asiyikuvuswa kanye naYe. Sesivele sivusiwe kanye naYe. Lolu uLibo lovuko lwethu: ukwedlula ekufeni engene ekuPhileni, futhi uphile kuze kube phakade; uhlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, usuvele uvusiwe kanye naYe kwabafileyo. Yebo. Into ekhazimula kanje okuyikho ukuhlala ezindaweni zaseZulwini no—noJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu! Yebo, mnumzane. SingaMkhumbula manje, nazo zonke izithembiso zaKhe Asenzela zona, sisahlezi khona lapha manje.

203 Kade ngibuka kulelo washi elikhulu emuva lapho, futhi ngicabange ukuthi “He, ngenza kahle impela. Sengiyaqeda lapha manje, ihora lesikhombisa.” Ngisenawo cishe amakhasi amathathu ngaphezulu amanothi, futhi wona ngiwaphushele emuva ngaphansi kwalapho. Uma ngibheka phansi ewashini lami, futhi ngibone ukuthi bekungesilo elesikhombisa nqo. Ngakho ngicabangile, “Ngenza kahle impela.” Kade ngikuphi na? Ngabe kade ngilahlekile sonke lesi sikhathi na? Ngazile ngi—ngizizwe ngikahle ngokumangalisayo, kodwa bengingazi ngizizwele ngikahle kangako. Futhi—futhi ngizo. . . Bengilokhu ngibuka kulelo washi elikhulu, futhi ngicabange ukuthi kukhona okungalungile, ndawana-thize.

204 Awu, yilokho okuzokwenzeka, ngolunye lwalezizinsuku, bangani. Isikhathi sizoma. Futhi sizothatha ukugibela kwethu isibhakabhaka singene ePhakadeni, lapho kungasekho khona isikhathi. Ngeke kumangalise lokho na?

205 Kodwa ngenkathi sisahlezi lapha manje, lapho isikhathi singasho lutho kithi, sesivele siphakanyiselwe ezindaweni zaseZulwini. Yini esingayikhumbula na? Singakhumbula sonke

isithembiso Asenzela sona. “Uma nihlala kiMi, namaZwi aMi ehlala kini, ningacela enikufunayo.” Kunjalo na?

²⁰⁶ Ngiyamkhumbula uJohane oNgcwele 5:24, “Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe,” hhayi ukuzenzisa, manje, kodwa, “akholwe nguYe oNgithumile, uno,” leyo yinkathi yamanje, “ukuPhila okungunaphakade, futhi akayikungena ekulahlweni kokwaHlulelwa, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.” Futhi siyaphila khona manje kuKristu Jesu, sihlezi kweyaseZulwini. Yilokho Akwethembisa. Singakhumbula.

²⁰⁷ Singakhumbula ukuthi Washo kanjani, Wazazisa njengoMesiya phakathi kwabantu. Amakholwa akubona. Futhi siyakhumbula, kuJohane oNgcwele 14:12, ukuthi Wathi, “Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza futhi.” Singakhumbula ukuthi wakwethembisa lokho.

²⁰⁸ Singakhumbula ukuthi Wethembisa ezinsukwini zokugcina ukuthi uMoya oNgcwele uyobonakaliswa enyameni yomuntu, njengoba impela nje Akwenza eSodoma ngaphambi kokuba lishiswe. Siyakhumbula ukuthi uJesu wenza lesosithembiso. Ngiyakukhumbula. Washo njalo. UJesu washo njalo. Ngiyakukholwa nje kakhulu, ukuba bengihlezi khona lapho futhi Wangitshela ngakho, ngoba kukhona *Lapha*, futhi yileyo ndlela engilikhulwayo ngayo leloZwi. Ngiyakhumbula Washo njalo. Yilokho kuphela.

“Imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuyenza.”

²⁰⁹ Ngiyakhumbula, ngangifunda emBhalweni, ngobunye ubusuku, lapho uJesu athi, lapho, “Nginezinto eziningi ukuba ngizembule kini, ngeke nginitshela manje. Kodwa, nina, ngeke Ngikwenze manje. Kodwa nxa uMoya oNgcwele efika, niyabo, Uyoletha lezizinto emuva enkumbulweni yenu, futhi khona-ke Uyonikhombisa izinto ezizayo.”

²¹⁰ Ngiyakhumbula ukuthi uMoya oNgcwele wakhuluma futhi wathi, “IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esikahlangothi zombili, lihlaba kuze kwehlukaniswe umnkantsha ethanjeni, futhi Lahlulela imicabango nezizindlo zenzhliyo.”

²¹¹ Ngiyakhumbula ukuthi uJesu wadabula isixuku ngoluny’usuku, futhi owesifazane omncane wathinta ingubo yaKhe. Futhi waphuma lapho futhi wahlala phansi, futhi phandle lapho, wasukuma, noma ngabe wayekuphi. Futhi uJesu waphenduka futhi wathi, “Ubani oNgithintile na?”

²¹² Lapho, uPetru wacabanga ukuthi Wayephazamiseke emqondweni waKhe. Wathi, awu, waMkhuza futhi wathi, “Awu, wonke umuntu uYakuthinta.”

²¹³ Wathi, “Kodwa ngiyabona. Ngithole ubuthakathaka. Amandla aphumile.” Waqalaza. Wathola owesifazane omncane, wamtshela, “Udaba lwegazi lakhe. Ukukholwa kwakhe kwakumsindisile.”

214 Ngiyakhumbula ukuthi iBhayibheli liyafundisa, kumaHeberu, ukuthi manje UngumPristi oMkhulu, o, ongathintwa ngokuzwelana nobuthakathaka bethu. Kunjalo.

215 Ngiyakhumbula iBhayibheli lasho, kumaHeberu 13:8. Ngikhumbula uJesu. Wenza...KumaHeberu 13:8, Wathi, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade." O, singaMkhumbula kanjani! Yebo, mnumzane. O, kanjani thina...

216 "Kuseyisikhashana nezwe lingabe lisaNgibona; nokho niyakuNgibona nina," iBandla, ikholwa, "ngokuba Ngiyakuba nani, ngisho kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Kunjalo. "Angisoze nganishiya." O, akusiyo nje into eyenzeka namhlanje futhi ihambe kusasa. IPhakade. "Angisoze nganishiya. Angisoze nganilahla." O, he! Lokho bekungasenza sidazuluke, simemeze kakhulu, sikhale.

217 Sifuna ukunakisisa lokhu ngokujulile. Khumbula uJesu, hhayi nje ngendlela emahlaphahlapha kuphela. Wethembisa lokhu. Futhi uma lokho kungalungile, khona-ke iBhayibheli alilungile. Futhi khona-ke sihlelele ini lapha na? Yini ngisho esiyiphilelayo na? Yini oyizamayo na? Eyani imizamo yakho na? Yini oyijulukelayo na? Uma kunayinoma yikuphi ukulunga, konke, kuphakathi kokuthi konke kulungile noma akukho okwakho okulungile. Khumbula, kwakungisuwe noma mina, noma umelusi wakho, owenza isithembiso. KwakunguJesu owenza lezizithembiso. Ngiyakhumbula Wakusho.

218 Ngiyakhumbula Wathi, "Hambani niye ezweni lonke nishumayeke iVangeli kukho konke okudaliweyo." Kude kangakanani na? "Ezweni lonke." Yebo. Okubili kokuthathu kwalo akwazi lutho ngoKristu okwamanje. "Ezweni lonke, kukho konke okudaliweyo. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Ngiyakhumbula Wakusho lokho. Uma ngingakukhumbula lokho, ngingayemukela kanjani into ethize, khona-ke, eshoyo ukuthi lolosuku selwedlule na? Ngiyakhumbula Wathi, "Ezweni lonke, konke okudaliweyo. Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

219 Ngingazifaka kanjani neqembu labantu abaphika leloZwi, lapho uNkulunkulu wayebheka phezu kweZwi laKhe, ukuLiqinisekisa na? Ngingazihhuka kanjani mina uqobo nabangakholwayo na?

220 O Nkulunkulu, mangikhumbule uJesu. Mangikhumbule ukuma Akuthatha. Mangikhumbule ukuthi unguMsindisi wami. Mangikhumbule ukuthi ngifile. Angisekho. Sengife iminyaka engamashumi amathathu nantathu. Lona nguKristu ophila ngaphakathi kwami.

221 Futhi uma ngibuka ngaphandle futhi ngimbone enza izinto ngokungavamile, ngokungabonakali, khona-ke ngiyazi ukuthi angikaze ngife; uWilliam Branham usaphila; wena

usaphila. Inqobo nje uma ungalaleli imiyalo yaKhe, khonake wena usaphila. Kodwa uma ulalela umyalo waKhe, “Uma niNgithanda, gcinani ukusho kwaMi.”

²²² Kumangalisa kanjani, ukucabanga ukuthi Wethembisa lokhu! “Nokho kuseyisikhashana, nezwe lingabe lisaNgibona. Izwe ngeke lisaNgibona, kepha niyakuNgibona nina.” O! “Lapho kuhlangene ababili noma abathathu, Ngiyakuba phakathi kwabo.” Ngiyakukhumbula lokho. Uyakukhumbula lokho, mfowethu na? [Abazalwane bathi, “Amen.”—Umhl.]

²²³ “Futhi imisebenzi eNgiyenzayo, bayoyenza futhi.” Hlobo luni lwemisebenzi Ayenzayo na? Nakho lapho okhona. Niyabo?

²²⁴ “O, awu, isizathu, manje, Mfowethu Branham, lokho kwakungokolunye usuku. Aku—akusikho lokho.”

²²⁵ Ngiyakhumbula yilokho Akushoyo. Angikhumbuli ukuthi wena wathini. Konke sekuhambile, niyabo, kodwa ngiyakhumbula lokho Akushoyo. Niyabo? “Lowo ozoNgilandela uzozidela yena uqobo,” adele imicabango yakhe uqobo, adele ukucabanga kwakhe uqobo. Ungahle udele ubaba wakho, umama wakho, umkakho, abantwana bakho; kodwa kukhona into ethize engokoqobo ngempela ukuthi angeke wakudela Lokho. Kuyakugcina. Futhi Ulapha.

²²⁶ Manje asikhumbule nje sonke isithembiso Azenzile, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu.

²²⁷ Baba wethu waseZulwini, beziziningi izicelo emizuzwini embalwa nje edlule. Izandla eziphakanyisiwe zivela kuyo yonke indlu. Kodwa, Baba, Wena unguNkulunkulu ophilayo. Futhi ngiyakhuleka kuWe, Nkosi Jesu, ukuba ubusise lababantu. Kwangathi uMoya waKho oNgcwele ungalhlala phezu kwabo, baphe ukuPhila oPhakade, baphe lokho abakudingayo.

²²⁸ Masikhumbule ukuthi, Wenza isithembiso. Nguwe wedwa obophezeleke ngalesisithembiso. Masikhumbule, kungakhathaleki ukuthi noma ubani omunye uthini, NguWe. NguWe esikubhekile, ukugcwalisa isithembiso saKho. Nguwe Owasho, ukuthi, “Okholwa yiMi, nakuba wayefile nokho uyakuphila. Ophilayo futhi akholwe yiMi akasoze afa.” Ngiyakhumbula Wakusho lokho, Nkosi.

²²⁹ Futhi khona-ke Wathi, labo abakholwa nguWe... Manje, Wena wathi, uma akholwa, sinokuPhila okuPhakade. Futhi Wena wathi, labo abakholelwa kuWe, imisebenzi Owayenzayo nabo bayoyenza futhi.

²³⁰ Manje, Baba, siyazi ukuthi Wena unguNkulunkulu, futhi siyazi ukuthi akekho omunye ngaphandle kwaKho. Futhi siyaKukholwa, futhi sithemba Wena manje, eGameni likaJesu Kristu.

Manje, namakhanda enu esakhotheme.

²³¹ Bangaki kulendlu owaziyo ukuthi awuyikhumbuli iNkosi yakho ngendlela ofanele uYikhumbule ngayo na? Futhi ekupheleni kwalona omncane, uMlayezo onqanyuliwe, uyavuma ukuphakamisa izandla zakho futhi uthi, “Nkulunkulu, zenze Wena uqobo uphatheke ngempela kakhulu kimi ngize ngiKukhumbule phezu kokwami. . . imiyalo yaKho iyoba phezu kwensika yombhede wami na? ‘Ngibeka iNkosi njalo phambi kwami,’ njengokusho kukaDavide. Nkosi, ngiphe okuningi kwaKho, ukuze ngiKukhumbule.” Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngikhulekele, mfowethu.” Lokho cishe ukuvumelana konke ndawo zonke. “Nkosi Jesu, yiba nomusa kimi.”

²³² Manje, ingabe bakhona labo lapha kulobubusuku abangakaze baMvume njengeNkosi yabo na? Futhi manje ungahle ume phambi kwaKhe. . . Futhi sikutshelile, emizuzwini nje embalwa edlule, ukuthi Wakwethembisa, ukuthi, “Lapho kuhlange ababili noma amathathu, Ngiyakuba phakathi kwabo.” Manje, Wakwethembisa lokho. Khona-ke, Uzofanele abe lapha. Futhi awukaze uMemukele njengeNkosi yakho na?

²³³ Ungayenza yini leyonto engubudedengu uHerodi ayenzayo na? Ungakunikeza lokho kuzibophezela uPilatu akwenza, ukuMsusa amyise komunye umuntu othize na? “Umama wami, wayengumKristu. Ubabayi wami unenkolo eyanele yethu sonke.” Ubungakwenza lokho na? “Umkami ungowesifazane okholwayo.”

²³⁴ Kuthiwani ngawe na? Ungaziphakamisa izandla zakho futhi uthi, “Nkulunkulu, ngikhumbule. Ngiyisoni, futhi ngifuna ukulungisana naWe. Ngizophakamisa isandla sami”? Zingaki izandla phakathi lapha ezingaleyondlela na? Ngabe kukhona. . . Niqonde ukuthi akukho soni endlini na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, nenekazi, lapha. Nakho lapho okhona. Ngicabange ukuthi bekukhona okuthize okudonsa ngokungalungile lapha. Ngi. . .

²³⁵ Uyaqonda, ukuthi, uJesu uthe Ubelapha. Futhi Uyayazi imicabango yakho, uyabo, enhliziyweni yakho. Siyakubonga ngobuqotho bakho. Ngempela, baningi abafanele baphakamise isandla sabo.

²³⁶ Kodwa ungasiphakamisa isandla sakho khona-ke na? Uthi, Re-. . . Mfowethu Branham, ngi—ngidlala nje ingxenye yomzenzisi. Ngiya esontweni. Kodwa uma kuza ngempela ekuzalweni ngokusha, ngijoyina isonto. Angimazi ngempela uKristu. Ngisalithanda izwe njengoba ngangihlale ngikwenza. Mina—mina nje. . . O, ngiyakuthanda ukuhamba, ngilalele umlayezo noma into ethize. Kodwa uma sekuza ngempela ukuthatha isikhathi nokuthanda ukuphuma, futhi ngichithe amahora emkhulekweni naYe, futhi ngixoxe naYe, ngiMkhumbula, a—angikwenzi lokho. Anginaso ngisho isifiso ukukwenza. Khona-ke ngiyazi, Mfowethu Branham, angeke

ngibe ngolungile futhi ngibe nalolohlobo lomuzwa. Ngakho, ngiphakamisela isandla sami kuNkulunkulu, ‘Ngihawukele.’” Phakamisa isandla sakho. Yiba qotho ngakho. Kunjalo. UNkulunkulu akubusise. Kunjalo. Yebo, mnumzane. INkosi ikubusise. Amen.

²³⁷ Ngilinde nje, ngibone uma uMoya oNgcwele uzokwembula okuthize. UNkulunkulu akubusise mnumzane. UNkulunkulu akubusise. Impela. Ngifuna Yena nje ahlole inhliziyi yakho. Yilokho Akuzele lapha. Kulungile. UNkulunkulu akubusise, nenekazi elincane. Lokho kuhle kakhulu.

Njengoba nje ucabanga ngakho, kuthathe ngokujulile manje.

²³⁸ “O, Mfowethu Branham, ngi—ngifanele ngiphuthume ekhaya.” Lalela. Uzophuthuma uphume kulokhu kuphila, ngeliny’ilanga, futhi. Niyabo? Cabanga ngakho manje. Leli yihora. Lesi yisikhathi.

²³⁹ Uthi, “Awu, ngiyakutshela. Umelusi wethu, uyi—uyindoda ekhaliphile, efunde kakhulu. Ngingaqoka ukukuzwa kuvela . . .”

²⁴⁰ Akwenzi mehluko ukuthi ubani oletha uMlayezo. A—akusiso isithunywa. NguMlayezo owuzwayo. Niyabo? Akukhathaleki ukuthi hlobo luni lomuntu ongangena emnyango lapho futhi—futhi akunike umlayezo ukuthi—ukuthi wena—wena wadla ifa isigidi samadola, ubungamukela i—imali. Yemukela ukuxolelwa kwakho.

²⁴¹ Namakhanda enu ekhotheme manje, namehlo evaliwe, ngizonibuza okuthize ngobuqotho ngempela. Futhi ngifuna ningitshale iqiniso.

²⁴² Besifazane, nina eninezinwele ezimfushane, bangaki abezwayo ngempela ukuthi nifanele nibe nezinwele ezinde na? Phakamisa isandla sakho uthi . . . UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle. Ngiyazi ukwenzile. Ngi—ngi . . . Kukhona amathemba akho. Kodwa uma ushazwe kakhulu, ukuthi ungeke wakwenza, awuzizwa ngisho ulahliwe, niyabo, khona-ke kukhona into ethize eyenzeka kuwe. Ngoba, iZwi lathi ufanele.

²⁴³ Bangaki, nina besifazane, abagqoka izikhindi nalezo zingubo zokugqoka, noma ababhema osikilidi; na—nani madoda, futhi, owaziyo ukuthi nenza iphutha na? Futhi uthi, “Angifuni ukwenza lokho, Mfowethu Branham. Ngiyamthanda ngempela uNkulunkulu, kodwa lokho—leyonto ibambebele nje kimi. Futhi ngiyazi ukuthi yinto embi. Ngizophakamisa isandla sami. Eku—ekuphakamiseni isandla sami, ngicela uNkulunkulu akususe kimi.” Phakamisa isandla sakho. Thembeke. UNkulunkulu akubusise. Kunjalo. Yebo. Kunjalo.

²⁴⁴ Lobo ngobuqotho. Lokho ngukuthembeka. UNkulunkulu uzosinika umhlangano wokuphulukisa emzuzwini, ngalobo

buqotho. Singakukholwa lokho. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

245 Baba waseZulwini, Uzibonile izandla. Uyazazi izimo zabantu. Uyazi ukuthi yini konke okusezinhliziyweni zabo, Nkosi. Ngiyakhuleka ukuthi Unikeza intethelelo kubo bonke ngamunye wabo. Futhi, manje, banikeze isifiso senhliziyo yabo. Susa izinsizi zabo. Kwenze lokho, Nkosi, okungukuthi banesidingo sokwazi. Ngiyakhuleka ukuthi Uzobapha khona, ngeGama leNdodana yaKho ethandekayo, iNkosi yethu uJesu. Sikucela ngenkazimulo kaNkulunkulu. Ngibanikela kuWe, Baba, Nkulunkulu, ukuthi Uzokwenza umsebenzi Wakho kubo, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

246 Manje, njengoba uphakamisa ikhanda lakho. Bangaki abezwa umehluko omningi ngakho, vele nje uphakamise isandla sakho, uthi, “Ngizwa umehluko omningi.” Manje, bangaki owaziyo ukuthi Wakwethembisa ukuthi U—Uyi “iNkosi ephilisa zonke izifo zethu”? Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ningathanda na?

247 Bangaki kini okholwayo ukuthi Wethembisa lokhu, ukuthi, “Isikhashana futhi izwe angeke lisaNgibona, nokho nizoNgibona”? Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyakholwa ukuthi kungenzeka ngalenkathi, uma amaHeberu 13:8 lapha athi, “UJesu Kristu, onguye izolo naphakade,” niyakholwa ukuthi kungenzeka ukuthi singambona uNkulunkulu na? [“Amen.”] SingaMbona kanjani na? Ekubonakalisweni koMoya waKhe, uBuntu baKhe obuphilayo. Ungakukholwa lokho na? [“Amen.”]

248 Ngizocela abazalwane bami bangakhuleki kulokhu, emuva lapho. Kuphela, ngikhulekeleni. Makuthi izethameli, ngalesisikhathi. Siza emhlanganweni ezinsukwini ezimbalwa, futhi mhlawumbe sizokubamba lokho.

249 Ngifuna lezizethameli ekulawuleni okukodwa. Ngifuna ukuthatha lemimoya ngaphansi kokulawula kwami, eGameni likaJesu Kristu, ngenkazimulo yaKhe, ukuthi uMoya waKhe ungasebenza futhi ufakazise kini ukuthi Usaphila.

250 Ngithatha iZwi laKhe lapha. Lasho ukuthi, uJohane oNgcwele, uJohane oNgcwele isahluko 14 nevesi le 12, wathi, “Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.” Uyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

251 Khona-ke, nonke nina bantu phandle lapho, ogulayo noma odingayo, noma onesidingo sento ethize, khulekani. Vele uthinte nje, khumbula, umphetho wengubo yaKhe. “UngumPristi oMkhulu ongathintwa ngobuthakathaka bethu.”

252 Ngabe iBhayibheli liyakusho lokho, bazalwane na? [Abazalwane bathi, “Amen.”—Umhl.]

253 Futhi khona-ke Ubengenza kanjani, uma WayengumPristi oMkhulu na? Ngendlela efanayo Enza ngayo ngenkathi Wayelapha, ngoba UngumPristi oMkhulu ofanayo. Ubengakwenza kanjani na? Uma uMzimba waKhe unguMhlatshelo esiHlalweni soBukhosi sikaNkulunkulu, Ubengakwenza kanjani na? Wathumela uMoya waKhe emuva, uMoya oNgewele. “Futhi Uzothatha izinto ezingezaMi, futhi akukhombise zona.” Manje, uma ufuna ukubona uma uNkulunkulu...

254 Isizathu ngesekela lokhu phezu kwalokhu, ngazi lokhu, ngiyazi ukuthi uMlayezo engiwushumayela kubantu uyiQiniso. Ngi-ngi-ngiyakukholwa lokho ngayo yonke inhliziyoyami. Noma, Kuyanqamuka *lapha*, kancane *ngaleyo* ndlela; kungesikho ukweya, kungesikho ukwehluka, kodwa ukuba qotho. Futhi, ngakho-ke, ngiyazi Wakusho lokho. Uma Ubengathatha izinto ezazingezikaNkulunkulu... Futhi lokhu bekufanele kukwenze ukwazi. Uma Ethatha izinto ezingezikaKristu, futhi ezokubonisa khona, futhi akukhombise izinto ezizayo, futhi enze wona impela umsebenzi Awenzayo, lowo nguMoya oNgewele. Kuzofanele kube njalo.

255 Khuleka manje, futhi uthinte ingubo yaKhe. Ngizozinikela kuYe, futhi ngibone ukuthi Uzothini kuwe. Vele ukhuleke nje.

256 Ukhona lapha abangakaze babesemhlanganweni ngaphambili na? Ungasiphakamisa isandla sakho na? Yebo, kunabaningi.

257 Khumbulani, uJesu Kristu akakaze nakanye azisho ukuthi uphilisa abantu. Wathi, “AkusiMi owenza umsebenzi. NguBaba waMi,” futhi kuJohane oNgewele, isahluko 5 nevesi 19.

258 Ngenkathi edabule echibini laseBethesda, futhi lapho kwakulele izixuku ezinkulu, zabantu abaningi, mhlawumbe izinkulungwane zilele lapho, izishosha, izimpumpethe, izinyonga, abasontekile, Waya kumuntu mhlawumbe wayenenkathazo yendlala, noma kungenzeka ukuthi wayenexhwala. Kwavinjwa. Wayesebenakho iminyaka engamashumi amathathu nesishiyagalombili. Futhi waMtshela, “Thabatha uhlaka lwakho futhi uye endlini.”

259 Indoda yayisikwazi ukuhamba. Wathi, “Uma ngehla, omunye umuntu...” Futhi kwakukhona amadoda lapho ayemabi kakhulu kunanjengoba wayenjalo.

260 Kodwa uJesu wayazi ukuthi wayelapho, futhi wayazi ukuthi wayekuleso simo. Lapho ebuzwa, Wathi, “Ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo. Kepha lokho Ebona uBaba ekwenza, yenze njalo iNdodana.”

261 Leyo yindawo yaKhe efanayo namhlanje. Akukho mprofethi, akekho owake wakwazi ukwenza noma yini ngaphandle kokuzibusa kwentando kaNkulunkulu, kunjalo, lokho uNkulunkulu akuthandayo.

262 Angazi. Ngifuna, uma . . . Yingaleso sizathu. Ngazi isigejane salaba befundisi abahlezi lapha. Ababaningi kakhulu phandle *lapho* engibaziyo. Uma bengingabona Yena phezu komuntu, bengizozama uku, uma ethanda, ngitshela abantu ukuthi ngiyabazi.

263 Khulekani, futhi nibone ukuthi Usenguye umPristi oMkhulu ongathintwa. OngaMbeka khona lapha phambi kwethu, futhi nibone ukuthi Ulapha. Kunjalo na? Thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngokuqinisekile kuMenze waba lapha. Yibani nokukholwa nje.

264 Nanti inenekazi elincane lihlezi khona lapha nekhandalo libheke phezu emoyeni, likhuleka nje kanzima njengoba lingenza. Ligqoke ibhantshi eliluhlaza-tshani, lihlezi khona lapho. Likhulekela isimo esisekhanda lalo. Ukuthi lona . . . Esikhathazayo. Kunjalo, nenekazi na? Phakamisa isandla sakho uma kunjalo. Uma ngiyisihambi kuwe, vayizelisa isandla sakho emuva naphambili. Sekukushiyile manje.

265 Awusho, ungangisiza usekhona lapho na? Lokho kuKhanya kukhanyise phezu ngqo kwenenekazi elihlezi eduze kwakho lapho. Liyakhuleka futhi. Ngifuna ukukubuza okuthize. Uthe, “Ngikhumbule, Nkosi.” Kulungile, Isikwenzile. Uphethwe isimo sesifo samankanka. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho, futhi uvayizelise isandla sakho. Kulungile. Nakho lapho okhona. Niyabo?

266 Niyakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje, “Isikhashana nezwe ngeke lisaNgibona.” Buza labo besifazane. Niyababona. Babuze uma ngibazi.

267 Lapha, nakhu kuhlezi insizwa ihlezi lapha, ikhulekela uyise. Angikaze ngikwazi nhlobo. Angikwazi ukuthi ungubani. Qhabo. Angazi lutho ngawe. Kodwa ukhulekela uyihlo. Akekho lapha. Ungaphesheya kwamanzi amakhulu ndawana-thizeni. Uphethwe yinkathazo yesisu. UsePuerto Rico. Lokho ngu-ISHO KANJE INKOSI. Kunjalo. Uyakholwa.

Uyabona ukuthi ngichaza ukuthini na?

268 Nanti inenekazi lihlezi lapha, libukeka linentshisekelo, isigqoko esibomvu. Nkk. Aldridge, Aldridge. Ehhe. Yebo. Lihlushwa yinkathazo yenhliziyo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? Kulungile.

269 Ngenzele usizo? Kukhona inenekazi elihlezi eceleni lapho, igama lalo, uNkk. Cook. UNkk. Cook unenkathazo ngemilenze yakhe. Kunjalo. Nkk. Cook, phakamisa isandla sakho. Uma ngiyisihambi ngokwempela, phakamisa isandla sakho. Kulungile. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

270 Beka isandla sakho kowesifazane eduze kwakhe. UnguNkosazana. Russell. Uphethwe yinkathazo yephaphu.

Phakamisa isandla sakho, Nkosazana. Russell, futhi kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho, uma ngiyisihambi kuwe.

271 Kuthiwani ngolandelayo na? Ya. Into kuphela okumele ube nayo ukukholwa.

272 Inenekazi eceleni kwakhe liphethwe yinkathazo yesisu, nalo, futhi igama lalo nguNkk. Dillman. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyi yakho, ungaphila.

273 UNkk. Harmon, ehlezi eceleni kwakhe, uvela nje esibhedlela. Ube no—nokuhlinzwa ngenxa ye—yenkathazo yomtshazo. Uyakholwa, Nkk. Harmon na? Uma ukholwa ngenhliziyi yakho yonke, ungaya ekhaya, uphiliswe.

274 Bangaki okholwayo manje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

275 “Kuseyisikhashana nezwe lingabe lisaNgibona.” Futhi khona-ke yini engizama ukuyisho na? Khumbula, uJesu wethembisa. UJesu wathi, “Ngiyoba nani, ngisho kini, kuze kube sekupheleni kwezwe. Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza.” Ukukhumbula uJesu wethembisa lezizinto, uJesu uyazifezekisa.

276 Manje, futhi, khumbulani ukuthi uJesu wethembisa, ukuthi, “Okholwa yiMi unokuPhila okungunaphakade.” Wena ophakamise isandla sakho, esikhashaneni esedlule, emva kwalenkonzu yokuphulukisa ungenyukela lapha manje futhi ume lapha wenzele umkhuleko na? Wethembise ukunika ukuPhila okuPhakade ngokufanayo njengoba Ethemmbisa ukuphulukisa.

277 Manje, benazi ukuthi Wakwethembisa lokhu futhi na? “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhulwayo. Uma bebeka izandla kwabagulayo bayakusinda.” Niyakukholwa lokho na? Manje bekani izandla zenu komunye komunye manje-ke. Niyabo, Ulapha. Angeke ngakuphulukisa. Usevele ukwenzile. Manje beka izandla zakho komunye umuntu, futhi ukhulekelele omunye umuntu, oseceleni kwakho ngqo lapho. Amen.

278 Manje khotamisanani amakhanda enu futhi nikhuleke njengoba nje wenza ebandleni lakho. Khuleka, “Nkosi Nkulunkulu, philisa lomuntu. Lomuntu uyangikhulekela.” Futhi nje cela uNkulunkulu ukuba aphulukise futhi asindise. Kukholwe ngayo yonke inhliziyi yakho. “Nkosi, ngikhulwa nguJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade.” IZwi laKhe alisoze lehluleke.

279 Khumbulani, Wethembisa, “Kuseyisikhashana nezwe lingabe lisaNgibona.” AbaMboni emjahweni wezinja kulobubusuku. AbaMboni embukisweni wesithombe. AbaMboni kulamabandla ngegama nje. Kodwa uyaMbona. Ulapha. Khumbula, Wakwethembisa, futhi Ulapha ukuphendula umkhuleko wakho futhi akunike isifiso senhliziyi yakho.

Bekani izandla zenu komunye komunye bese nikhuleka.

²⁸⁰ Nkosi Jesu, ngiza, ngikhumbula ukuthi Wena wathi, “NgeGama laMi bayakukhipha amademoni.” Futhi ngxosha wonke umoya wokungakholwa kulezizethameli, usuke kulababantu, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.



UKUKHUMBULA INKOSI ZUL63-0122
(Remembering The Lord)

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesibili kusihlwa ngoJanuwari 22, 1963, eSouthside Assembly Of God ePhoenix, eArizona, eU.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2019 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org